www.kznonline.gov.za

KWAZULU-NATAL PROVINCIAL GOVERNMENT

# SIMAMA

USHICILELO LWAMAHHALA LUKAHULUMENI WESIFUNDAZWE SAKWAZULU-NATALI

USHICILELO 204 • NOVEMBER 2016

# "MANJE ISIKHATHI SOKUMPIMPA BONKE ABENZA UBUGEBENGU"



*UNgqongqoshe wamaPhoyisa eNingizumu Afrika uMhlonishwa NKosinathi Nhleko kanye noNdunankulu waKwaZulu-Natal uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mnchunu lapho behambele ingqungquthela yokulwa nobugebengu esiFundazeni saKwaZulu-Natal.* ***Isithombe:* THEMBA MNTYALI**

UNdunankulu ubeke kanje enkulumweni yakhe kwingqungquthela yokulwa nobugebengu eDube Tradepot eThekwini. Lengqungquthela ibihlelwe umnyango wezokuThutha kanye nokuPhepha komphakathi ubambisene neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal. **Bheka udaba ekhasini 3**



# OKUNGAPHAKATHI











## "MANJE ISIKHATHI SOKUMPIMPA BONKE ABENZA UBUGEBENGU"

### IKHASI 3

UNdunankulu ubeke kanje enkulumweni yakhe kwingqungquthela yokulwa nobugebengu eDube Tradepot eThekwini. Lengqungquthela ibihlelwe umnyango wezokuthutha Kanye nokuphepha komphakathi ubambisene neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal.

## KWETHULWE EYEZIGIDI ENYAKATHO NETHEKU

### IKHASI 5

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uyishayele ihlombe iprojekthi yokwakhiwa kwedolobha elisha enyakatho neTheku ebizwa ngokuthi iSibaya Coastal Property Development.

## UNGQONGQOSHE WEZEMPILO UNXUSA UKUBA KUNIKELWE NGEGAZI

### IKHASI 7

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse bonke abantu bakuleli ukuba banikele ngegazi ukuze kusizakale abantu abasuke besezimweni eziphuthumayo.

## EYOKUPHISA UBHIYA ISAQHUBEKA NESIVUMELWANO NGOMMBILA OPHUZI

### IKHASI 11

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa weMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni uke waba nocwaningo olunzulu olubhekiswe ekohloleni ummbila obomvu oke waduma kakhulu ngesikhathi sesomiso esahlasela elakuleli ngasekuqaleni kwama '80s.

## ZIDINGIDWE NGESASASA EZITHINTA UBUGEBENGU ENGQUNGQUTHELENI YESIFUNDAZWE

### IKHASI 13

Ukuzama ukugwema ukudlondlobala kwezigameko zobugebengu ikakuhlukazi njengoba sekusondele isikhathi samaholide okuphela konyaka, uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ububambe ingqungquthela yokulwa nobugebengu.


## MAYELANA NALOLU SHICILELO

Ushicilelo lukaHulumeni wakwaZulu Natal olusemthethweni. I-Simama iqukethe phakathi kokunye izindaba, imibiko, nezimemezelo zaHulumeni wesiFundazwe.


**Ishicilelwa kabili ngenyanga.**

Uma unesifiso sokuthola ikhophi yakho ithunyelelwe esikhungweni sakho esifana nesikole, umtapo wolwazi, isibhedlela, ungathintana neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natali: 033 341 3300 noma simosenkosi.chamane@kznpremier.gov.za
**Liyatholakala naku:** www.kznonline.gov.za

**Ithimba elihlanganise iphephandaba:**


**Umhleli omkhulu:**
Mahlathi Tembe

**Umhleli wamakhasi nezindaba:**
Bonga Khoza

**Abezithombe eHhovisi likaNdunankulu:**
Zandile Shange no Themba Mntyali


© KZN Provincial Government

KWAZULU-NATAL
PROVINCIAL GOVERNMENT






*UNdunankulu wesifundaze saKwaZulu-Natal, uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mncunu, lapho ethula inkulumo yakhe kwingqungquthela yokulwa nobugebengu ebibanjelwe eDube Tradeport eThekwini* ***Isithombe:*** ***THEMBA MNTYALI***

# "MANJE ISIKHATHI SOKUMPIMPA BONKE ABENZA UBUGEBENGU"

**NOLWAZI NZUZA**

UNdunankulu ubeke kanje enkulumweni yakhe kwingqungquthela yokulwa nobugebengu eDube Tradepot eThekwini. Lengqungquthela ibihlelwe umnyango wezokuthutha Kanye nokuphepha komphakathi ubambisene neHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal.

Inhloso yalengqungquthela bekuwukulwa nokubugebengu ,ukudingida izingqinamba ezibhekene namaphoyisa, ukuqhamuka namasu Kanye nezixazululo ezingalekelela ekunciphisweni kobugebengu kwisiFundazwe saKwaZulu-Natal.

"Esikhathini esedlule izwe laseNingizimu Afrika like labhekana nenkinga yobandlululo kodwa abantu babona ukuthi uma bengenzi lutho ngalesimo akukho okuzoshintsha, base babumbana balwa nobandlululo banqoba ngakho kumele namanje izakhamuzi zaseNingizimu Afrika zibumbane zilwe nobugebungu ngoba maningi amathuba okunqoba uma abantu bebambisene njengoba kwenzeka ngobandlululo" uNdunankulu uyiqale kanje inkulumo yakhe ebibhekiswe kwizithameli ebezihambele ingqungquthela.

Izwe lethu alikwazi ukujabulela intando yeningi elayilwela kanzima ngoba likhungethwe ubugebengu, abantu abakwazi nokuhlala ngokukhululeka emakhaya abo ngoba izigebengu zibangenela ngisho emakhaya okuyindawo okufanele ngabe iphephile.

Abantu besifazane bayadlengulwa okubalwa nezingane ngakho Amadoda kumele abumbane, aphinde aqhamuke nezixazululo zokuthi ukudlwengula kwabesifazane nezingane kungaqedwa kanjani.

Kuwumsebenzi wamadoda ukuvikela abesifazane nezingane ngakho akulungile ukuthi kukhale omama kukhale nezingane kube kukhona amadoda angabavikela kuqhuba uNdunankulu wesiFundazwe.

UNdunankulu ukugxekile ukugxekwa kwamaphoyisa umphakathi ngoba amaphoyisa awakwazi ukuthi anqande izigebengu ngaphandle kosizo lomphakathi, ngoba asuke engekho wona uma izigameko zobugebengu zenzeka ngakho kubalulekile ukuthi umphakathi umpimpe labo abenza ubugengu.

Omama nabo kumele babambe iqhaza ekulweni nobugebengu bangasabi ukubika izingane zabo noma ezomakhelwane uma zizibandakanya nobugebengu.

Umphakathi uyashesha ukubiza amaphoyisa uma kunezehlakalo zobugebengu kodwa uma amaphoyisa esefikile umphakathi uyahluleka ukunika amaphoyisa amagama abantu okuyibona abasuke benza ubugebengu, kodwa ulindele ukuthi amaphoyisa iwona azoqhamuka nezimpendulo zokuthi kwenzekeni aphinde abophe lezigilamkhuba.

"Kudingeka ukuthi abantu baseNingizimu Afrika bashintshe indlela abacabanga ngayo uma kukhulunywa ngobugebengu bayeke ukuthi uma bebone iphoyisa elilodwa lenza ubugebengu masebehlanganisa wonke umbutho wamaphoyisa kuleso senzo" kugcizelela uNdunankulu.

UNdunakulu uphinde wanxenxa iziMeya ukuba zibambisane namaphoyisa ziphinde zibe nezinhlelo zokulwa nobugebengu emkhandlwini yazo, ngoba uma zingenazo izinhlelo zokulwa nobugebengu zilindele ukuthi ubani ozolwa nobugebengu emkhandlwini yazo.

Kumele iziMeya zaKwaZulu-Natal zibukele kwiMeya yetheku uNkk Zandile Gumede onezinhlelo ezinhle zokulwa nobugebengu eThekwini namaphethelo okubalwa i-Safer city programme ngakho ukubeke kwacaca uNdunankulu ukuthi lesi isikhathi sokuthi abantu bakopele zonke izinto ezinhle abazibonayo zenzeka bangagcini ngokubheka ezimbi.

Izigameko eziningi zobugebengu ezenzekayo ziwumphumela wezidakamizwa kanti abaningi kulaba abadla izidakamizwa baqhamuka emakhaya akhungethwe ububha.

Ngakho kuzomele isiFundazwe saKwaZulu-Natal sigxile kakhulu ekwakhiweni kwamathuba omsebenzi njengendlela yokunciphisa ububha kanye nobugebengu ngoba iningi lalaba abenza ubugebengu bathi basuke bezama indlela yokuziphilisa.

Esephetha inkulumo yakhe uNdunankulu uthe umsebenzi wamaphoyisa ubalulekile kodwa ungaba lula kakhulu uma uhulumeni ungaweseka umbutho wamaphoyisa futhi uma nomphakathi ungasebenza ngokubambisana namaphoyisa.

Okunye okungalekelela ekunciphisweni kobugebengu ukuthi kube nomkhankaso wokulwa nokuthengwa kwempahla entshontshiwe, ngoba laba abenza ubugebengu bazoyeka ukuntshontsha uma impahla abayintshontshayo ingasathegwa.

# UNdunankulu wakwaZulu-Natal wethule umkhakhaso we "I Do Right Campaign" wokulwa nenkohlakalo kubasebenzi bakaHulumeni

**THOBEKA MALINGA**

Umphakathi waseSteadville eWard 21 kuMasapala Alfred Duma, oThukela uphume ngobuningi bawo ukuzolalela inkulumo kaNdunankulu waKwaZulu-Natal UMnu Thembinkosi Willies Mchunu yokwethulwa komkhakhaso **'I do Right Campaign'**, okusho ukuthi "Ngisebenza ngobuqotho noma ngingalusiwe". Lomkhakhaso ukhuluma ngokuziphatha kwabasebenzi baHulumeni kanye nokusebenza ngobuqotho nokwethembeka ukuze bafeze izidingo zomphakhathi.

"Kungiphatha kabi uma siphuma siya emphakhathini sithole ukuthi izikhalazo zabantu ziyefana minyaka nemyinyaka" kusho uNdunankulu. Ube esenaba ethi lokho kucekelela phansi igama likaHulumeni ngenxa yabantu abanganananembeza.

UMacingwane ukhale ngokuthi basibuyisela emuva labantu abanenkohlakalo, ingakho umphakathi kumele ubike uma ubona ukuthi kukhona okungahambi kahle.

UNdunankulu ukubeke kwacaca ukuthi uma betholakala labantu abenza inkohlakalo, kuzothathwa izinyathelo ezifanele.

U Cllr Siphiwe Mazibuko iMeya yaseThukela ubonge uNdunankulu ngokuzokwethula lomkhakhaso we"I do right campaign" ozogqugquzela abasebenzi bakaHulumeni ukuba baziphathe kahle. Ubonge nomphakhathi ophume ngobuningi bawo, ube esenxusa umphakathi ukuthi ungabakhokheli abasebenzi baHulumeni ngokwenza umsebenzi abaqokwe ukuba bawenze.

Lomkhakhaso ulindeleke ukuba ube nokusebenzisana okuhle phakathi kosomabhizinisi, abasebenzi, bakaHulumeni kanye nomphakhathi ukuze kuliwe nenkohlakalo.



*UNdunankulu wesifundaze saKwaZulu-Natal, uMhlonishwa Thembinkosi Willies Mncunu, kanye namalunga omphakathi.* ***Isithombe:*** ***THEMBA MNTYALI***

# IHHOVISI LIKANDUNANKULU LIWUQHUBA KAHLE UMBHIDLANGO WOKUHLUMELELISWA KWEZIMILO

"Wena ongakangeni esilingweni ungabe usangena" lawa amazwi abenxenxa ngawo umphakathi ukuthi uziphathe kahle.

**CUTHBERT NZUZA NO JOY MAKWALA**

IHhovisi likaNdunankulu waKwaZulu-Natal uWillies Mchunu lenze elidume ngalo ngaphansi kohlelo lokuhlumeleliswa kwezimilo ngesikhathi kwethulwa isigungu saseThekwini elizosebenza emphakathini. IHhovisi selithule komasipala bonke loluhlelo.

Izimenywa eziqavile bekukhona usihlalo walenhlangano uFata Simangaliso Mkhatshwa osengamele lesisikhundla isikhathi eside ngenxa yamava akhe.

Ezinye zezimenywa singabala amabanjwa avela ejele laseWestville awesifazane nabesilisa abebenandisa ngomculo.

UMnu Callistus Bheki Nkwanyana ongumqondisi wophiko lokuhlunyeleliswa kwezimilo ehhovisi likaNdunankulu (MRM- Moral Regeneration Movement) ube esenika isithombe sokuthi loluhlelo laqalawa owayengu Mongameli wezwe uMnu Nelson Rholihlahla Mandela.

Lolu hlelo waliqaliswa ukuthi ngoba kade abantu bephuma obandlululweni nasezimpini zombangazwe omnyama ebulala omnyama kungakuhle kuvuselelwe izimilo zabantu kusuka komncane kuyakwabadala.

Abantu bebekade bebulalana, behlukumeza izingane nabesifazane, izingane zazinyinya ngezidakamizwa, abesifazane abancane sebezithwala isidanana nokunye nokunye.

Loluhlelo lusuka emazingeni aphansi kusuka komasipala kuya kuhulumeni wesiFundazwe kuze kugcine kuhulumeni wazwelonke. UTata Mandela weza naloluhlelo ukuvuselela izimilo kubantu baseNingizimu Africa.

Wacela abezenkolo ezahlukene, abamabhizinisi, abenkolo yesintu nezinhlaka zomphakathi ukuthi kubanjwe iqhaza kuloluhlelo.

Nomthethosisekelo wezwe unesigabana esithinta esithi (chapter 1, Section 1 (a) (b) and (d). Section 3, sub-section (1) (2) (a) and (d). Chapter 2 (bill of rights), Section 7 sub-section (1-3). Chapter 2. Sub-section 9, (1-5) lapha kubalwa amalungelo awowonke umuntu njengokuhlonipha ubuzwe, ubulili nezinga lomuntu. Inkululeko yezenkolo, eyokukhuluma ngokukhululekile njalo njalo.

Amalungelo omuntu abe esehlelwa kanje: inhlonipho yesiqu somuntu nangakwezomnotho. Inhlonipho yokulingana ngobulili, abadala nabancane bahloniphane, ukulingana komuntu phambi komthetho, kwezomnotho, ukubaluleka kwemindeni nomphakathi, ukubaluleka kobuqotho, inhlakanipho nocophelelo, ukwethembeka, ukuhlonipha amasiko nezinkolelo kanye nokuba nonembeza, ukuhlonipha umuntu wonke ezweni, ukuhlonipha umthetho wezwe nokulingana phambi komthetho nokwakha ukuthula bese kuba ukuvikela imvelo esiphila kuyo. OkaZikode ubesephetha ukuchaza kwakhe ngokuthi njengoba uhulumeni uzibophezele ukuthi uze nezinhlelo zokuhlumeleliswa kwezimilo kufanele umphakathi usebenzisane nawo kusuka emazingeni aphansi kuyakomasipala kuya eminyangweni kahulumeni.


UNdunankulu wesiFundazwe uyingxenye yaloluhlelo futhi uzosiza ezinkingeni ezivelayo zivezwa umphakathi ukuze kwakheke isizwe.

Ukwethulwa kwesigungu saseThekwini kuzolandelwa ngokuthi abantu bafundiswe ukuthi yini elindelwe ukuthi bayenze njengoba sebenikwe ithuba lokuhola loluhlelo.

Obekade eyibanjwa ubaba Jabulani Majola uthe sebevule inkampani yabo yokuthunga ebizwa ngeSekwanele esebenza kahle kakhulu ngoba umkhiqizo usuyadayisa khona lapha eMlazi. Intsha nayo bayayikhuthaza ukuba ingene kulenhlangano, Yize kunzima ukuthi umphakathi wemukele amabanjwa uma eseqede izigwebo zawo.

Ubaba uMajola ube eseveza inselelo yokuthi amabanjwa angamukelwa kanjani emphakathini. Uchazele izihlwele ebezigcwele ehholo ledolobha laseThekwini ukuthi indawo yokuhlumeleliswa kwezimilo ayimnandi. "Wena ongakangeni esilingweni ungabe usangena" lawa amazwi abenxenxa ngawo umphakathi ukuthi uziphathe kahle.

Amabanjwa ase-Westville akhona sikhuluma nje alinganiselwa ku 9 965. Kulesisibalo abesifazane bawu 4503 nentsha 1000.



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu*

Okhulumele abantu abaphila nebala elimhlophe ubaba Bheki Thabethe ongusihlalo KwaZulu-Natali, uthe kunezinhlelo ezinhle ezizoqala ukusebenza ngonyaka ozayo endaweni yakwaMhlabuyalingana.

Ubale ukufundisa abantu imisebenzi nokuthi uma umuntu ephila ngokukhubazeka usuke ekwazi ukwenza yonke into.

Abantu abangababukeli phansi abanye abantu ngoba nabo baphelele nje bayafana nabantu bonke. Abantu abaphila nokukhubazeka bayakwazi ukondla imindeni yabo njengabo bonke abantu. Umama Ashanta Ngidi yena ucele abantu baseThekwini namaphethelo ukuthi bangacwasi abantu abaphuma emazweni akhele izwe lethu ngokobuhlanga.

Abangaxoshwa futhi abangaphinde babathele induku ngoba singama-Africa sonke. Uma sishaya ozakwethu lokho kulimaza umnotho wethu, ukuhwebelana, nenhlalonhle kanye nezokuvakasha nalamazwe.

UFata Smangaliso Mkhatshwa unomlando omude esebenzela isizwe. Abanye abantu abamazi engumkhuzi wempi yomshosha phansi engakabizelwa ebufundisini.

Ukewaba isekela likangqongqoshe wezemfundo kusanda kuqala iphalamende lentando yeningi.

Ngonyaka ka 2002 kwethulwa amagatsha ahlukene okuhlumeleliswa kwezimilo. Loluhlelo seluhambe kakhulu ngoba luqale ezikoleni, kwaba amasonto, abezenkolo yakwantu, osomabhizinisi njalo njalo. Ethula inkulumo yakhe uFata uthe ujwayele ukuhambela izikhungo lapho kuhlunyeleliswa khona izimilo zabantu emajele alelizwe. Ngenkathi uFata evakashele eVictor Verster Prison wahlangana nabelungu abathathu ababeboshelwe icala lokukhwabanisa. Wabafica besebenzisa amakhompuyutha befunda kuwo ukuthi uziqalela kanjani ibhizinisi lakho.

Babefunda ukuthi bangabaheha kanjani abantu ukuthi bazosebenzisana kanye nabo yize bengababanjwa.

Ukuthi bebebanjelwe ukukhwabanisa akusho ukuthi sebengaphinda benze njalo. UFata wafica abanye abafana abahlakaniphile, ababukekayo, nabondlekile ababeduna izimoto.

Ngohlelo lokuhlumelelisa izimilo lababafana bafunda amakhono ahlukene abangcina sebewenza kahle. Okubalulekile ukuthi kufanele uzibuze ukuthi yini oyifunayo empilweni yakho kanti futhi ufunani endaweni yokuhlumeleliswa kwezimilo. Impendulo ibalula ukuthi ulaphaya kulendawo ngoba uyohlumeleliswa isimilo sakho uqale impilo entsha.

Kufanele ube umuntu ozoshintsha abe umholi uma uphuma kulesisikhungo.

Enye yemibuzo esizibuza yona ukuthi yini sifice abantu abasebancane kulezizikhungo.

E-Vancouver abantu bakhona bangamabanjwa ngenxa yokuthi benza okubi. Isimo abaphila ngaphansi kwaso esibaphoqa ukuthi baphile indlela yobumnyama.

Abantu baphila impilo yokugwazelwa nokwehlisa imali ngemilenze. Abantu baphila indlela engeyinhle ngenxa yokungakhokhelwa ngendlela yemisebenzi abayenzayo.

Ilapho othola ukuthi izisebenzi azinamvuzo nankokhelo enhle, uphinde uthole ukuthi inkokhelo igcina incane kunempilo abayiphilayo.

Abantu baziphilisa ngokweba ngoba bezama ukuziphilisa.

Kumanje iWestville isikhiqiza abantu abafunda ngamakhompuyutha ngaphansi kohlelo nosizo ngenye yamanyuvesi asemzansi i-Unisa.

Kumanje abantu sebeqale ngisho umkhuba wokuthenga iziqu zasemanyuvesi. Uthola ukuthi abantu bacekelwa phansi abanye abantu. Kulezinsuku khona enkolweni nje usufica oPastor bedlisa abantu uphethiloli, utshani, badayise namanzi, izikibha, ovaselina njalonjalo ngoba inhloso kusuke kuwukwenza imali akusekhona ukusonta.

Umphakathi wonke ususesimeni sokugula kubeka uFata.

Uma ubuka amasiko nenkolo yesintu sekushintshile ngenxa yempucuko manje abantu sebefake impilo yobulwane.

Abantu abenze ushintsho bashintshe isimo abaphila kuso ngokuthi baguquke bacabange okuhle baphinde bacabange ngokwakha iNingizimu entsha nenhle. Inhlangano (i-MRM) yokuvuselelwa kwezimilo akuyona inhlangano yenzuzo.

Akuyona inhlangano eholelayo kodwa inhlangano eyakha isizwe. Inhlangano evuselela amasiko, ubuntu, isiko kanye nezinkambo.

Abantu abakhethiwe lapha eThekwini bakhethelwe ukuthi bahole abanye abantu futhi basebenzele umphakathi.

UHulumeni unezinhlelo ezimile ezinhle ezihambisana nohlelo lokuhlumeleliswa kwezimilo kubantu. Eminye yemibuzo ayivezile uMkhatshwa kube ukuthi kungenziwa kanjani ukuvuselelwa kobuntu kubantu.

Singavuselela kanjani ukwethembana emphakathini. Ukubambisana komphakathi ekwakheni isizwe okuyinto ebalulekile. Umntwana okhuliswe kahle akabe esahlupha isizwe empilweni yakhe.

Abaqashi uma bengabhekisisa kahle indaba yamaholo abasebenzi indaba yobugebengu ingancipha. NgoZibandlela kuzoba nenkomfa ezoba seThekwini kusukela zingu 6-8 ukulekelela ekwakheni ubuntu bethu.



# UNDUNANKULU WAKWAZULU-NATAL UPHENDULE ISOYI LESIKHUMBUZO SOKUFIKA KWABOMDABU BASENDIYA KULELI LIKAMTHANIYA

UNdunankulu waKwaZulu-Natal uMnu Willies Mchunu uphendule isoyi eduze neShaka Marina, eThekwini, lapho okuzokwakhiwa khona isikhumbuzo ngokufika kwabomdabu wamaNdiya bezosebenza kuleli.

Babelethwe kuleli ngoba bengabantu abazosebenza njengesivumelwano namaNgisi futhi bengabasebenzi abangakhokhelwa. Undunankulu ubekhashwa uNgqongqoshe wezemisebenzi umnu Ravi Pillay, uNgqongqoshe wezempilo uDokotela uSbongiseni Dhlomo kanye nomeya weTheku umama Zandile Gumede. Lesisikhungo sibude buduze nalapho okwama khona umkhumbi owabe uthwele amaNdiya mhla eqala ngqa ukufika kuleli ukuzosebenza KwaZulu-Natali ngonyaka ka 1860.

OkaMacingwane ukhumbule umhla ka 26 kuMasingana 2010 lapho ethula khona inkulumo yakhe kukhunjulwa futhi kugujwa khona iminyaka ewu 61 izwe lamaNdiya lathola inkululeko kumaNgisi.

Wakwenza lokhu ngoba eyibamba lika Dokotela uZweli Mkhize owaye undunankulu engekho ehambele amazwe aphesheya. Uvezile okaMacingwane ukuthi ngalowo nyaka kwaba nezikhumbuzo eziningi ezindaweni ezahlukene kulesi siFundazwe ukukhumbula ukufika kwamaNdiya ezosebenze njengesivumelwano (indentured labourers). Ikomidi lika 1860 lenze umsebenzi omuhle lisebenzisana nohulumeni ukubhekelela lomsebenzi ozokwenziwa wendawo yesigcina magugu.

Ephawula undunankulu ngokubhalwa abezindaba uthe uthokozile ngokusebenzisana okuhle nekomidi lamaNdiya lika



*UNdunankulu wesiFundazwe saKwaZulu-Natal uMnu Thembinkosi Willies Mchunu ngesikhathi kuphendulwa isoyi lapho okuzokwakhiwa khona isikhumbuzo ngokufika kwabomdabu wamaNdiya kuleli.*

1860. Izindaba eziphezulu nje kungabaluleke ukuthi kunesamba sezigidi ezilishumi (R10 million) ebekelwe izakhiwo zezikhumbuzo.

Ukusebenzisana kwesiFundazwe sethu kanye nezwe laseNdiya sibe nenkomfa okuthiwa (Pravasi Bharatiya Divas Africa Convention), ebihlangene ngaphansi kwesiqubulo esithi (“India, Africa: Building Bridges”). Mhlaka 24 uMandulo 2012 saba seChatsworth ukugubha usuku lwamasiko lwamashumi amahlanu nambili lwasungulwa. Ngo 2013 kwaba nemashi eCharlestown kuyiwa Volkrust ukukhunjulwa ukuboshwa kukaGhandi eboshelwa ukulwa nobandlululo.

Mhla zimbili kuMfumfu 2010 uhulumeni wavula isikhumbuzo sengadi sabahlali base Nyaninga kanye nesikhumbuzo samathuna akhona. Lendawo ibudebuduze nesikhumulo sezindiza iKing Shaka futhi kwakuyindawo kamoba le.

Iningi lamaNdiya ayebekwe kulendawo futhi esebenza khona.

“Kubalulekile ukugcina izindawo ezinje ngoba zinomlando oyoze ubonwe nayizizukulwane,” kusho uMchunu. Ngenkathi kuvulwa isiza sesikhumulo sezindiza kwavela amathuna kwabe sekuhlaluka ukuthi indawo okufanele igcinwe ivuselelwe ngenxa yomthetho othi amathuna awaphazanyiswa. Kwabe sekubizwa amaNdiya ukuzohlonza amathuna okhokho bawo. “Saba nokujabula uma sizwa ukuthi amaZulu nabantu babehlala ngokuzwana futhi isiZulu kwabe kuwulimi olwalusetshenziswa.

Amasiko yinto okufanele siyigcine ukuze izizukulwane ziyazi,” kusho uMchunu. Ukwakha umlando wamaNdiya kwaqopheka mhlaka 15 uNcwaba 1947 ngenkathi elwela inkululeko yawo. “Ngesenzo sawo kwenza nathi la emzansi sinyakaze ukulwa nobandlululo.

Ngonyaka ka 1994 sathola inkululeko kwase kuthi amazwe omabili oku India kanye noMzansi bakha ubuhlobo obunzulu.

“Umnotho wethu usimeme nje kungenxa yokusebenzisana phakathi kwethu nabomdabu waseNdiya. Lesisikhumbuzo esizokwakhiwa lapha enye yezindlela ukukhombisa ukubonga kwethu kwabomdabu wamaNdiya ekutheni silwe nobandlululo futhi sibabonga ekutheni bakhethe lendawo yaKwaZulu-Natali ukuthi bazohlala kuyo,” kusho uMchunu.

Yize bayibamba ishisa behlukunyezwa kodwa bakwazi ukulunqoba ubandlululo. Ubaba uMahatma Ghandi enye yezingqalabutho eyalwa isebenzisa ukuthula hayi izikhali.

Minyaka yonke kuba nengxenye evelayo ezincwadini ekhuluma ngalomholi. Oka Ghandi walekelela Inkosi Bhambatha kaManciza ekulweni nokukhokhwa kwemali yamakhanda eyaziwa ngokhandampondo. Oka Ghandi walekele ekutheni acele amaNdiya abheke ababelimele kuleyompi kaBhambhatha yikho okwenza abe nogqozi lokulwa nokuhlukumezwa kwabantu abamnyama ngabamhlophe. Muva nje ababhali babeka lomholi njengomuntu owayehlukumeza abantu futhi enobandlululo. OkaMacingwane akathandanga okwenaba ngalezizinsolo kodwa uthe umlando ungejikwe abantu abangebona abakuleni abavela ohlangothini lwabamhlophe.

“Okubalulekile ukuthi uMahatma Ghandi uye owenza ubumbano phakathi kwethu bebala elimnyama base-Africa kanye namaNdiya.

AmaNdiya afake iqhaza elikhulu ekuthuthukiseni umnotho wethu, ezemfundo, inhlalonhle, amasiko kanye nezimpilo zabantu iqiniso elingephikwe. Umlando wethu muhle nje futhi uzimele ngenxa yokusebenzisana nezizwe ezahlukene sibala kakhulukazi amaNdiya. OkaMacingwane uhloniphe iqhaza likaMewa Ramgobin obefihlwa kuwo lamasonto adlule naye obembe iqhaza elikhulu kwinkululeko yethu.

Odokotela Monty Naicker, Yusuf Dadoo kanye Xuma basebenzisana futhi benjengabantu abakwazi ukuthi bethi bewufundele umsebenzi wabo kodwa babeneqhaza lokuthi babe yingxwenye yomzabalazo ngeminyaka yawo 1947.

Lokhu kwahlanganisa izinhlangano ezahlukene kwi ANC kukhona Natal Indian Congress kanye Transvaal Indian Congress eyazala “united front to fight apartheid.”

Ukwahlukana ngobobuhlanga kwaba into eyayingekho ngenxa yokuthi isitha sasisodwa kuwubandlululo.

OkaMacingwane utshele amaNdiya ukuthi umlando omuhle kanje asiwuvuselele futhi siqhubeke nokushintshisana ngolwazi kanye nokufukula umnotho wethu.

Impumelelo yethu ilele ekutheni sisebenzisane futhi sihlalisane kahle kanye nobudlelwane obuhle esinabo phakathi kwezwe laseNdiya nathi abungaphazamiseki.

Lokhu kodwa nje ngungafukula umnotho wethu uma sisebenzisana. Esephetha inkulumo yakhe okaMacingwane udlulise ukuxolisa kwakhe ekutheni lomsebenzi ubambezeleke isikhathi eside kusuka kwabaneziphakamiso ngo 2010 zokwakhiwa kwalesisikhungo

# KWETHULWE EYEZIGIDI ENYAKATHO NETHEKU

**SIYABONGA MAPHUMULO**

UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uSihle Zikalala uyishayele ihlombe iprojekthi yokwakhiwa kwedolobha elisha enyakatho neTheku ebizwa ngokuthi iSibaya Coastal Property Development. NgokukaZikalala, le projekthi okulindeleke ukuthi iqhamuke nenqwaba yamathuba emsebenzi kanjalo ithuthukise nomnotho izophinde futhi imakethe isifundazwe saKwaZulu-Natali njengezinye zezindawo ezingasali uma kukhulunywa ngezindawo ezikulungele kakhulu ukuhlala abantu. “Ukwethulwa kwale projekthi eholwa abakwaTongaat-Huletts ngokubambisana nezinye izinhlaka zangasese kufakazela lokho esihlale sikusho ukuthi yize amandla ezezimali ethanda ukuntengantenga kulezizinsuku, kepha isifundazwe sethu sisalokhu siqhubeke njalo nokuba yintandokazi kubatshali zimali nokusenza sibe ngezinye zezindawo ezimbalwa ezikwaziyo ukuqhubezela phambili intuthuko ngisho ngezikhathi lapho kuthiwa umnoto kawenzi kahle,” washo kanje. Le projekthi yeSibaya Coastal Property Development kulindeleke ukuthi ifake imali engango R50-billion emnothweni wesifundazwe iphinde futhi iqhamuke namathuba emsebenzi abalelwa ku30-000 “nokuyinto ezophinde idale isasasa nakwabanye abatshali zimali ukuthi babheke inyakatho yeTheku njengendawo ekulungele kakhulu ukwakhiwa kwezindlu ezisezingeni eliphezulu.” UZikalala waqhuba wathi iKwaZulu-Natali njengoba ithathwa njengenye yezindawo ezihamba phambili kwezokuvakasha, nokuyinto ehambisana nokukhuphuka kwezibalo zezivakashi ezivela kwezinye izindawo emhlabeni, kubalulekile ukuthi ihlale njalo ithuthuka.

“Siyindawo ekhonzwe kakhulu izivakashi, lokhu nje kukodwa kusho ukuthi kumele siqhubeke nkuqhamuka nezindlela ezintsha zokwenza isifundazwe sethu sihehe ebantwini abavela emhlabeni wonke jikelele kanti ukwakhiwa kwalelidolobha elisha elisesigabeni somhlaba sikholwa ukuthi kuzosisiza kakhulu ekufezekiseni lo mbono wethu omuhle kangaka,” washo kanje.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala ngesikhathi kwethulwa eyezigidi enyakatho netheku*



**“Umyalezo wethu namuhla komama balapha eMtubamtuba owokuthi azidle ekhaya, abahlangane bathunge izinto ezifana nomfaniselwano wezikole, owasezibhedlela”**

UNgqongqoshe wezokuThuthukisiwa koMnotho, ezokuVakasha, nezokongiwa kweMvelo KwaZulu-Natali uMnu Sihle Zikalala

# Injabulo ukhuzeni eletha eyokuthunga eMtuba

**SIYABONGA MAPHUMULO**

Ubongwe ngenhlokomo uNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo uMnuz Sihle Zikalala ngenkathi efeza isithembiso ayesenze komama baseMtuba sokuthi nakanjani uzolisukumela phezulu udaba lwabo lokweswela izinsiza kusebenza.

Phela ngenkathi uKhuzeni evakashele kwa-wadi 8 khona eMtuba ngasekuqaleni kwalonyaka omama bakuleyandawo bazijuba babika kuye isifiso sabo sokusungula umfelandawonye ogxile kwezokuthunga kepha bakhala ngokweswela amandla okwenza lo msebenzi. Nempela kuye njengamagama enkehli ngenkathi ungqongqoshe uZikalala ebuyela kuleyandawo nemishini eyisishiyagalolunye ayidlulisele kwisibhuda sakhona. Ekhuluma nomphakathi owawugcwele phama ehholo le ndawo ukuzozibonela ngawawo ukushintshwa kwezimpilo zomama, uZikalala wathi njengoba isifundazwe kanye nezwe lonkana libhekene nenselelo yokweselakala kwamathuba emsebenzi kuyoba kuhle uma nabanye bengabukela komama bavuke bazibambele, ngale kokubheka ukuqashwa izinkampani ezinkulu.

"Siwumnyango obhekele, phakathi kwezinye izinto, ukuthuthukiswa komnotho, sihlale njalo sishumayela ivangeli lokuthi abantu abaqhamuke namasu abangawasebenzisa ukuze baqambe amathuba emsebenzi baphinde futhi bathuthukise umnotho lapho behlala khona.

Kungakho nje sasukumela phezulu ngenkathi omama balapha eMtuba beza kithi bezokwethula isu labo elikhaliphe kakhulu lokuthi bahlangane benze umfelandawonye ogxile kwezokuthunga." UZikalala wathi izwe laseNingizimu Afrika like lalimala kakhulu ngasembonini yokukhiqiza okusandwangu eminyakeni edlule ngenxa yezimpahla ezivela eChina ebezingena ezweni, uhulumeni usuqhamuke nezinhlelo zokuphinde futhi uvuselele le mboni kwazise ingezinye ezingenisa imali eningi kakhulu ezweni. "Ngenkathi izwe lase-China limukelwa njengengxenye yenhlangano yezokuhweba emhlabeni iWorld Trade Organisation ngo-2001, kwavuleka amathuba okuthi leliya lizwe lilethe inqwaba yezimpahla ezithungiwe kuleli ngamanani aphansi kakhulu nokuyinto eyayikhinyabeza kakhulu le mboni nokwaholela ekutheni kulahleke imisebenzi engu 100 000 kule mboni eminyakeni engamashumi edlule. "Kepha uhulumeni wethu kuzwelonke wabe usuqhamuka nohlelo lokusiza abasembonini yezindwangu ukuze bakwazi ukuvuka futhi ngoba le mboni ingenisa imali engu 14% emnothweni wezwe jikelele."



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala*

Ngaleyondlela, kusho uZikalala, kubalulekile ukuthi abantu emazingeni aphansi bakwazi ukusebenzisa amathuba avelayo kule mboni ukuze nabo bahlomule ezinhlelweni zikahulumeni zokuvuselela le mboni.

Wathi nesifundazwe saKwaZulu-Natali sasungula umkhandlu wezemfashini Ikzn Fashion Council ukuze kusizakale ikakhulukazi abathungi kanye nabasiki bengqephu.

"Umyalezo wethu namuhla komama balapha eMtubamtuba owokuthi azidle ekhaya, abahlangane bathunge izinto ezifana nomfaniselwano wezikole, owasezibhedlela njl, njl ukuze phela bakwazi ukudayisela izikhungo zikahulumeni lemikhiqizo," kuphetha ungqongqoshe.

# UNGQONGQOSHE UTHUSI ULWA NOKUKHWABANISWA KWEMALI YESIBONELELO SEZINTANDANE EMBUMBULU

**MINENHLE MNCWANGO**

Sebebhalisa kabusha abantwana abangenabani abaphila ngesibonelelo sikaHulumeni ukuze kubonakale abanikazi bezipoki ezitamuza lemali ngokungekho emthethweni. UNgqongqoshe woMnyango wezokuThuthukiswa koMphakathi esiFundazweni saKwaZulu-Natali, uNkosikazi Weziwe Thusi, ugasele ehhovisi loMnyango eliseMbumbulu ukuyobona umphakathi ovalelwe izibonelelo zabantwana. Lokhu kulandela imibiko mayelana nokumiswa kwezibonelelo zabantwana kulendawo. UNgqongqoshe uThusi uchazile ukuthi lokhu kwenziwe ukuze kuqalwe phansi kubhaliswe kabusha izingane ngoba kusolakala ukuthi kukhona abasebenzi baloMnyango abadla lemali eyisibonelelo sazo ngokusebenzisana namalunga omphakathi ngendlela ekhohlakele.

UNgqongqoshe ufike kulendawo wabonana namalunga omphakathi athintekile ekuvalelweni kwemali.

Uwuchazelile umphakathi obugcwele kulamahhovisi isizathu esenze ukuba kuvalwe lezi zibonelelo. Ubatshelile abantu ukuthi kulendawo isibalo sabantu abahola isibonelelo sezintandane siphezulu ngokwedlulele, osekwenze kwasolakala ukuthi kuholelwa izipoki imali idliwe abathile abakulamahhovisi. Uthe: "UHulumeni akasoze aniphuca lemali yesibonelelo, kodwa kubalulekile ukuthi nilandele imithetho ebekiwe njengokuvuselela njalo emuva kweminyaka emibili uma uholela ingane eyintandane. "Okwenze savala nesiza ogogo abagade izintandane yingoba sifuna beze nazo izingane khona sizoqinisekisa ukuthi sinika ingane efanele futhi nesafunda isikole ngoba ubugebengu buningi ezweni obenziwa umphakathi uhlangene nabasebenzi bakaHulumeni.

Abazotholwa benecala bazojeza," kusho uNgqongqoshe uThusi. Umkhonyovu wokwebiwa kwemali yezintandane kulendawo waqala ukusoleka ngonyaka ka-2014.

Lombiko uthi kuye kwabonakala ukuthi sikhula ngamandla isibalo sezintandane kulendawo, okuthe uma uHulumeni emisa izibonelelo zabantwana abangu-204 abacelwa ukuba bazovuselela, kwafika abangu-44 kuphela.

Uphindile futhi uHululumeni ngonyaka ka-2015 wamisa izibonelelo zabantwana abangu-206, kwafika abangu-150 kuphela ukuzovuselela. Kulonyaka kumiswe isibonelelo sabantwana abangu-810, kodwa kwafika abangu-140 kuphela ukuzovuselela. Lokho kube sekufakazela izinsolo zenkohlakalo eyenzekayo kulendawo.

UNgqongqoshe uThusi uthe: "Siyacela umphakathi ubike ubugebengu ngoba loHulumeni awuhambisani nenkohlakalo.

Lemali ingeyenu, kufanele inisize ilekelele kwazise abantwana silindele ukuba bakhule babe abaholi bakusasa.

Uma ungezi ukuzovuselela thina kusinika esinye isithombe, futhi sizoqala lapho ukukulandela. Sizokubopha uma singasazitholi izinganeoziholelayo.

"UNgqongqoshe uThusi ukhulume nomuntu ngamunye kulayini, waphinde wathembisa ogogo abangenayo imininingwane yabantwana ukuthi bazolekelelwa ngokunikwa ukudla abazokudla inyanga yonke kuze kube iyatholakala imininingwane yabantwana. Kuzokhumbuleka ukuthi emizamweni eqhubekayo yokulwa nenkohlakalo, uNgqongqoshe uThusi useke wazithola ephoqeleka ukuvala iHhovisi loMnyango elibizwa ngokuthi iLower Umfolozi, eMpangeni, ngenxa yabasebenzi boMnyango abathinteka ekudleni imali yezintandane ngokungemthetho.



*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, ngesikhathi ezifikele mathupha emahhovisi aseMbumbulu ukuzoxazulula izinkinga mayelana nokukhokhwa kwezibonelelo zikahulumeni.*





**"UHulumeni akasoze aniphuca lemali yesibonelelo, kodwa kubalulekile ukuthi nilandele imithetho ebekiwe njengokuvuselela njalo emuva kweminyaka emibili uma uholela ingane eyintandane."**

UNgqongongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi

# UNGQONGQOSHE WEZEMPILO UNXUSA UKUBA KUNIKELWE NGEGAZI

Izibalo ziveza ukuthi umuntu oyedwa kwabane udinga igazi. Yiqiniso elingeke laphikiswa ukuthi isifundazwe sethu sikhungethwe kakhulu igciwane lengculazi kanye ne-Hepatitis B.

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usenxuse bonke abantu bakuleli ukuba banikele ngegazi ukuze kusizakale abantu abasuke besezimweni eziphuthumayo.

UNgqongqoshe uDhlomo unikele ngegazi esikhungweni se-South African National Blood Service (SANBS) enxanxatheleni yezitolo iMega City eMlazi, nokuyinto ajwayele ukuyenza.

"Sihlala sizwa njalo ngokuntuleka kwegazi ezibhedlela zethu. Yingakho namhlanje ngilapha ngizonikela ngegazi.

Ngithanda ukunxusa bonke abantu bakuleli ukuba benikele ngegazi noma kungekho muntu obabhekile. Ukunikela ngegazi kungenye yezinto ezinhle nezibalulekile. Igazi onikele ngalo lingasiza owesifazane okhulwelwe uma opha kakhulu, noma isiguli esiphethwe umdlavuza noma umuntu obe sengozini yemoto.

Ngakho ngokwenze njalo ungabe usindise impilo. Lokhu kuyinto enhle kakhulu njengoba usuke unikela kumuntu ongamazi, kanti nawe uqobo ungaludinga lolusizo ngelinye ilanga.

"Izibalo ziveza ukuthi umuntu oyedwa kwabane udinga igazi. Yiqiniso elingeke laphikiswa ukuthi isifundazwe sethu sikhungethwe kakhulu igciwane lengculazi kanye ne-Hepatitis B. Zombili lezizifo zibucayi kakhulu uma umuntu ezonikela ngegazi.

Lokhu kunciphisa isibalo sabantu abanikela ngegazi."

UDkt Dhlomo uphinde wagcizelela izimo ezimqoka ezidinga igazi. "Isicelo sethu njengoMnyango wezeMpilo esokuthi zonke izakhamuzi eziphilile zibe yingxenye yokunikela ngegazi ngoba lidingeka kakhulu." Uthe lidingeka kulezimo ezilandelayo:

- Ezimeni ezibucayi noma umuntu ehlinziwe opha kakhulu. Liphinde lisize kulabo abasuke belimale ezingozini zomgwaqo nasezigamekweni zodlame esifundazweni;
- Ukunikela ngegazi kungasiza ukwehlisa isibalo somama abashona bezobeletha; komama ababa nezinkinga uma ngabe bebeletha; noma izingane ezidinga igazi;

"Ngithanda ukuthi kwazeke ukuthi njengesifundazwe saKwaZulu-Natal sisesimeni esikahle sokuthi izindawo zethu ezigcina igazi zihlale zinegazi, kodwa lokho ngeke kwenzeke uma singanikeli ngegazi," kuphetha uDkt Dhlomo.



*UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo ethekelisa ngegazi eMaga City.*

# "ASILWE NOKUHLUKUNYEZWA KWABESIFAZANE NEZINGANE ZETHU UKUZE BAHLALE BEPHEPHILE" – DKT SIBONGISENI DHLOMO

UNgqongqoshe wezeMpilo KwaZulu-Natal uDkt. Sibongiseni Dhlomo usezwakalise ukuweseka umkankaso wokulwa nokuhlukunyezwa kwabesifazane nabantwana waphinde wacela umphakathi bazibandakanye ezinhlelweni zokulwa nalesi sihlava. UDkt Dhlomo ukusho lokhu njengoba kuzokwethulwa umkhankaso we - 16 Days of Activism for No Violence Against Women and Children, ozoqala ngosonto elizayo mhla zingu – 25 kuLwezi kuya kumlaka – 10 kuZibandlela. Lo mkhankaso kuhloswe ngawo ukuquwashisa umphakathi ngezindlela ezahlukene zokuhlukunyezwa kwabantu, nokugcina sekunomthelela omubi ezimpilweni zabo. Isiqubulo salonyaka salomkhankaso sithi: ***"Count me in: Together Moving a Non-Violent South Africa forward."*** Lesiqubulo sigcizelela ukubaluleka kwamandla abantu bebambisene ekulweni nodlame nokuhlukunyezwa ngandlela zonke emphakathini.

"Lo mkhankaso ubaluleke kakhulu ngoba luselude ukhalo uma sibheka izinga lokuhlukunyezwa kwabantwana nabesimame. Ngakho-ke, kufanele sonke siwuseke lomkhankaso. Bonke abesilisa kumele basukume balwe nalesi sihlava, bathi, 'Akungahlukunyezwa abasemame nabantwana ngegama lami ngiyindoda." Kulonyaka ka - 2016 uMnyango wezeMpilo KwaZulu-Natal usulahlekelwe abasebenzi besifazane abaningi ngenxa yodlame olwalubhekiswe ngakubona, bagcina beshona.


Kwezinye zezigameko abasolwa ngabantu abebebazi laba besifazane. Umnyango wezempilo ubekunomkhuleko lapho bebekhunjulwa khona laba abangasekho, kwaphinda kwaduduzwa nezihlobo zawo.

Lapha uDkt Dhlomo wathi: "Izigameko zodlame… lapho uzwa ukuthi umuntu wesifazane usedlwenguliwe, udutshuliwe noma ugwaziwe… kujwayeleke ukuthi kube abesilisa abenza lokho. Ngifisa ukunxusa bonke abesifazane ukuthi uma kunento ebeka impilo yakho engcupheni noma uzizwa ungaphephile, bikela amaphoyisa noma umuntu omethembayo.

Ungahlali ebudlelwaneni lapho uhlukunyezwa khona."

Ngasekuqaleni kwalonyaka uDkt u-Dhlomo ujoyine umuntu olwela amalungelo abantu uMnu. Jan "The Walker" Mabuyakhulu ohambweni lwama khilomitha angu-30 (30km) obelusuka e-Ballito luya e-Umhlanga emkhankasweni wokuqwashisa ngokuhlukunyezwa kwabantu besifazane nabantwana.

UMyango wezeMpilo KwaZulu-Natal unabasebenzi abaqeqeshelwe umkhakha wokusiza abantu besifazane nezingane ezizithola




zihlukumezekile ngenxa yodlame lwaseKhaya (Domestic Violence) ukudlwengulwa (Rape) kanye nokunye. Laba bahlengikazi babizwa ngama-Forensic Nurses, kanti babaluleke kakhulu eMnyangweni wezeMpilo njengoba besebenza izimo ezibucayi lapho besiza abantu abahlukumezeke ngokomqondo ngenxa yezigameko ezahlukene ezibehlelayo ezimpilweni zabo.

Basebenzisana nezinhlaka ezahlukene ezifaka phakathi odokotela, uphiko lezokushushiswa komphakathi (NPA), amaphoyisa (SAPS), UMnyango wezeNhlalakahle, Correctional Law Enforcement, Civil Society kanye nama-NGOs.

IsiFundazwe sakwaZulu Natal sinezikhungo eziyisishiyagalombili (8) ezihlinzeka usizo kubantu besifazane kanye nezingane ezizithola zihlukumezekile, ezaziwa ngama Thuthuzela Care Centres kanti zitholakala kwezinye zezibhedlela zesifundazwe.

Abahlengikazi abaqeqeshwe kumkhakha we-Forensic Nursing basebenzela ezikhungweni ezaziwa ngamaThuthuzela Care Centres kanye nama Crisis Care Centres ezibhedlela zikahulumeni kanti badlala indima enkulu ekunakekelweni kwabantu abadlwenguliwe nabahlukunyeziwe.



**"Lo mkhankaso ubaluleke kakhulu ngoba luselude ukhalo uma sibheka izinga lokuhlukunyezwa kwabantwana nabesimame. "**

UNgqongqoshe weZempilo uDkt Sibongiseni Dhlomo




*UNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMphakathi KwaZulu-Natali, uNkosikazi. Weziwe Thusi obemele UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane*

# OWEZEMFUNDO UNIKELA ABAFUNDI BESIFAZANE AMAQAKELO

Kunyaka mali ka 2016/17 uMnyango uzosiza abantwana bamantombazane abangu 520 828. Inhloso yoMnyango ukuthi bonke abafundi besifazane abanesidingo basizakale kuloluhlelo.

**SIHLE MLOTSHWA**

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali, uthule ngokusemthethweni uhlelo lokunikeza abafundi besifazane amaqekelo (Sanitary Pads). Lomcimbi obubanjelwe e Shayamoya Sports Ground, kwisiFunda saselembe, ubuhanjelwe UMphathiswa weZokuthuthukiswa koMphakathi, uNKK Weziwe Thusi, obemele uMphahtiswa weZemfundo KwaZulu-Natali, uMthandeni Dlungwane.

Kulomcimbi bekukhona amasekela Meya akwa Dukuza nase Lembe, izinyunyana zothisha, izigungu ezingamele izikole, kanye nosingaye, abafundi.

Loluhlelo loMnyango weZemfundo olubizwa nge Keeping Girls in School, luqalwe emuva kokubonakala ukuthi abafundi besifazane, ikakhulukazi labo abaswele, balahlekelwa yizinsuku eziningi zesikole uma besezinsukwini zabo, ngenxa yokuswela imali yokuthenga amaqekelo. Inhloso enkulu yaloluhlelo ukuqinisekisa ukuthi abafundi besifazane baba esikoleni ngazo zonke izinsuku zokufunda.

Kwezinye izinhloso zaloluhlelo kubalwa:

- Ukuqinisekisa ukuthi abafundi besifazane abangu 131 230 abasuka ku Grade 4 kuya ku Grade 12 kuma Secondary Schools angu 400 nama Primary Schools angu 200, abalahlekelwa yizinsuku zokufunda.
- Ukuvula uhlelo lokufunda ngokunikeza amantombazane ngamaqekelo izinyanga eziyishumi nambili, ukubafundisa nokubanika ulwazi ngezocansi nokubeletha kanye nokubafundisa ngengculazi kanye nezifo ezithelelana ngocansi.
- Ngaloluhlelo kuhloswe nokuletha ukuzethemba kubafundi besifazane.

Loluhlelo ludle uMnyango weZemfundo imali engaphezulu kuka 20 million wamarandi.

Uphenyo luveza ukuthi abatwana besifazane eAfrika balahlekelwa yizinsuku ezine ngenyanga okungabalelwa ezinsukwini ezingamashumi amane ngonyaka. Eningizimu Afrika babalelwa ku 3770 514 abafundi besifazane abangakwazi ukuthenga amaqekelo ngenxa yobuphofu.

Abaningi balababafundi besifazane bangena ezikoleni okungakhokhwa kuzo ezibizwa ngama No Fee Schools. Kwizinkinga amantombazane abhekana nazo uma ekulesosikhathi senyanga kubalwa: inani lamaqakelo, ukulova esikoleni, ukuhlambalazeka uma kwenzeka umtwana ezingcolisa ngenxa yamaqakelo angekho ezingeni, ukuzibukela phansi ngenxa yalesimo, kanye nabantu besilisa abangabaseki abantu besifanza uma bekulesikhathi.

Ekhuluma kulomcimbi, etendeni ebeligcwele phama, uMphahtiswa u Thusi utshele izinkulungwane zezithameli ngokubaluleka kwaloluhlelo. "Kwisifundazwe sa KwaZulu-Natali angu 1 936 189 amantombazane afunda isikole kusuka ku Grade 4 kuya ku Grade 12. Loluhlelo luzosiza amantombazane angu 826 937 afunda ezikoleni ezisuka ku Quintile 1 kuya ku Quinile 4.

UMnyango weZemfundo KwaZulu-Natali uxhumanisa loluhlelo nohlelo lwawo lokuphakela abafundi, olubizwa nge National School Nutrition Programme (NSNP).

Kunyaka mali ka 2016/17 uMnyango uzosiza abantwana bamantombazane abangu 520 828. Inhloso yoMnyango ukuthi bonke abafundi besifazane abanesidingo basizakale kuloluhlelo," kubeka uMphathiswa uThusi. Umphathiswa utshele abafundi ngokubaluleka kwemfundo nangezinhlelo uhulumeni anazo ukuqinisekisa ukuthi bonke abafundi bathola imfundo esezingeni.

"Ukunikezwa ithuba lokufunda nokuba sesikoleni ngasosonke isikhathi isipho esikhulu umuntu angasithola, ngakho kubalulekile ukuthi nilisebenzinse lelithuba ukuthuthukisa izimpilo zenu," kuphetha uMphathiswa.

Abafundi bebejabule, behleka beveza elomhlathi ngesikhathi uMphathiswa kanye nezikhulu zoMnyago sebebanika amaqakelo abo. uSizakele Ntombela, ongomfundi kwesinye sezikole ebezihambele lomcimbi, ubonge kakhulu kuhulumeni ngaloluhlelo.

"Ngibonga kakhulu kuMnyango Wezemfundo nakuMphathiswa uDlungwane ngokuqhamuka nesu lokunikezela ngamaqakelo.

Nami ngingomunye walabo akade beba nezinselelo uma sekufike lesosikhathi senyanga, manje usizi lwami, kanye nabanye abafana name seluphelile," kubeka umfundi.



**Sifisela bonke abafundi, ikakhulukazi labo ababhala ibanga leshumi, okuhle kodwa kwizivivinyo zabo.**

**...Championing Quality Education - Creating and Securing a Brighter Future**

UNgqongqoshe weZemfundo KwaZulu-Natal, uMnu uMthandeni Dlungwane

# ISEKHONA INGWADLA YESOMISO – DUBE-NCUBE

■ Siyabona ukuthi utshani kanye nezihlahla isikwenzile ukuba kube luhlaza nemfuyo kwenzinye izindawo ikwazi ukuthola amadlelo abekade esomelwe wutshani.

**VERNON MCHUNU**

Nakuba izulu lithe lakhombisa ukuletha imvula enikeza ithemba kulamasonto adlulile, kepha lokhu akukasikhiphi enkingeni yokuntuleka kwamanzi aneleyo, nokuyisimo esisho ukuthi omasipala kusalindeleke baqhubeke nokuphakela amanzi izikhawu.

Lawa ngamazwi kaNgqongqoshe wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu KwaZulu-Natali, umhlonishwa uNomusa Dube-Ncube.

UDube-Ncube ukhiphe isitatimende ngenhloso yokuxwayisa imiphakathi esifundazweni ukuba iqhubeke nokusebenzisa amanzi ngokuwonga.

Uthe nakuba izulu lithe lana cishe amaviki amabili, kepha izinga lamanzi emadanyini belingakakhuphuki lifinyelele lapho lalikhona ngesikhathi kuqala isomiso.

Amadamu phela yiwona aphakela amanzi emakhaya, ezimbonini, emahhovisi emisebenzi kanye nasemapulazini ezolimo.

"Bakwethu sithi siyambonga uNkulunkulu ngalemvula asasiphe yona. Siyabona ukuthi utshani kanye nezihlahla isikwenzile ukuba kube luhlaza nemfuyo kwenzinye



*UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube*

izindawo ikwazi ukuthola amadlelo abekade esomelwe wutshani.

Kepha lamanzi awakagelezi ngendlela yokuthi agcwalise amadamu, nokuyilopho besesingathi cha sekuyaphefumuleka.

Ngakho sithi bakwethu asiqhubeke nokusebenzisa amanzi ngokuwonga. Kanti futhi masilindele ukuthi omasipala basazolokhu bebuye bewanqamula amanzi ngezikhathi ezithile ukuze ongeke," kuchaza uDube-Ncube.

UNgqongqoshe khonamanjalo uveze ukuthi nakuba ezindaweni eziningi lithe layishaya ngempela, kepha futhi zikhona ezinye lapho khona imvula ingazane ine kakhulu, njengezindawo ezisenyakatho nesifundazwe nje, lapho khona belivele lizikhizele nje lehlise amazodlwana.

"Sithi ke isinqumo sesiFundazwe sokuthi amanzi ongiwe futhi abuye avalwe ngezikhathi ezithize, sisazolokhu simile kuze kube wukuthi zonke izingxenye zesifundazwe sezithole imvula eyenele futhi egcwalisa amadamu, imifula kanye namazibuko," kuqhuba uDube-Ncube.

# Isexwayiso kulandela umonakalo kwaNongoma

**VERNON MCHUNU**

mikhankaso yokuxwayisa ngezimo zezulu elibi izoqhubeka ngomdlandla othe xaxa esifundazweni saKwaZulu-Natali, kwazise nezulu lisalokhu liqhubekile ukushiya kukhalwa ngezindlela ezinhlobonhlobo.

Kungakapholi maseko kubikwe isaga sokuphephuka kwamakhaya amaningi ezindaweni ezingaphansi kukamasipala iNquthu, izulu elibi liphinde lashiya kukhalwa kwaNongoma lapho khona umphezulu unqonqise ikhaya kwalahleka izimpilo zabantwana ababili bomndeni owodwa. Emasontweni amabili edlule, bekukhalwe ngeNkanyamba eNquthu, nalapho umnyango wezokuBusa ngokuBambisana neZindaba Zomdabu, oholwa ngumhlonishwa uNomusa Dube-Ncube, ufike khona waduduza imindeni elahlekelwe ngokokumaya kanye nokuqaliswa kwezinhlelo zokuthi bakhelwe kabusha, phakathi kokuningi. Manje esimweni esingazukuthi lobubuhlungu nomonakalo bekungenele, ngeledlule kuphinde futhi kwehla umshophi emndenini wakwaGina esigodini Ezimbabaleni, nalapho umphezulu uhlasele umuzi ka Mnuz Mbekiseni Gina, wedlula nomphefumulo wendodakazi uSinethemba obeneminyaka engu 19 kanye nomfowabo uThembelani obeneminyaka engu 12, bobabili abebefunda eMandlakazi High.

"Nakuba singeke sakwazi ukupholisa amanxeba okulahlekelwa ngabantwana kubaba wekhaya, kepha sizamile ukubaduduza ngegilosa ezobasiza njengoba izindlu zilimele nje, kanye nokubalekelela ukubeka abantwana endlini yokugcina, bese belekelelwa ukuze bakhelwe izindlu nguHulumeni," kusho uDube-Ncube.

Umphakathi ubuye wafakelwa nezikhonkwane zethusi, ukusiza ukukhalima umbani.

"Yimizamo lena esiyaye siqhamuke nayo njalo nxashane abantu bakithi bethe bakhahlamezeka, kepha ikhwelo lethu elikhulu ngelokuthi asiphile ngokuliqhaphela izulu kanye nezimvula ezinobungozi, ikakhulu njengoba kusehlobo nje kanti nabangoma bezulu baxwayisile ukuthi kwezinye izindawo kungahle kube nezimvula ezinobungozi kanye nomphezulu ohambisana nombani omubi," kusho ungqongqoshe.

Nakhu okumele kuqashelwe:

- Akufanele siwele imifula noma sithathe uhambo olungenaso isidingo uma izulu lilibi.
- Abashayelayo nabo kufanele baqaphele emgwaqeni bangashayeli ngesivinini njengoba umgwaqo usuke ushelelela.
- Asipheze ukuhamba phandle nasezindaweni eziyizinkalo uma izulu liduma.
- Abantu bakithi futhi mabapheze ukwakha ezindaweni ezingamathafa lapho amanzi engahambi khona
- Asigweme futhi ukwakha osebeni lomfula lapho umfula uma ugcwele khona ugcine usukhukhula nemizi.
- Asiqinisekise ukuthi uma izulu liduma, amafasitela siyawavula kushaye umoya endlini, futhi sigweme ukujuluka nokuhlala ngokusondelana.
- Amanzi nezingcingo ikakhulukazi ezingomakhalekhukhwini bakwethu sikwexwaye kakhulu.

Lucime nje ucingo uma liqala liduma ngoba lunokuthi ludonse







umbani uzihambela lena kude.

- Abantwana bethu, ikakhulukazi abafana abajwayele ukudlala ibhola asibakhuze bakuyeke lokhu uma kuduma izulu.
- Ngokunjalo futhi kuyingozi enkulu ukuqhuba izinkomo uma izulu liduma.
- Asiqaphele ukuwela amabhuloho ambozwe amanzi, hleze singathi siyawela uthole ukuthi ibhuloho sekudala lemukile.



**"Yimizamo lena esiyaye siqhamuke nayo njalo nxashane abantu bakithi bethe bakhahlamezeka, kepha ikhwelo lethu elikhulu ngelokuthi asiphile ngokuliqhaphela izulu kanye nezimvula ezinobungozi"**

UNgqongqoshe weZokubusa Ngokubambisana Nezindaba ZobuHoli BeNdabulo, uNomusa Dube-Ncube

# ABAPHILA NOKUKHUBAZEKA BENZA EZIBUKWAYO UMA BENIKWE ITHUBA

**STHEMBISO SHANGASE**

UNgqongqoshe Wezobuciko Namasiko u Nkk Bongiwe Sithole Moloi utusa abantu abaphila nokukhubazeka ngokungazitheli ngabandayo ngalenyanga yabo.

Uthi useqaphele ukuthi ukuthi abantu abaphila nokubazeka bavamise ukuba nekhono elingandile futhi bakhipha unyawo kwabakwenzayo kubala ezemidlalo ubuciko bezandla nokunye.

"Kulezizinsuku ngisanda kuvakashela isikole sabaphila nokukhubazeka iHarding Special School eningizimu yesifundazwe, laphaya ngifice izingane ezinokukhubazeka okunhlobo-nhlobo zilima izivande zitshala lonke uhlobo lwemimfino amazambane notamatisi ongeke ubathole ngisho emakethe", kusho uNgqongqoshe.

Uthi azigcini lapho lezizingane ngoba ziphinde zidlale ibhola lezinyawo, zibhikle ingoma, zidwebe zakhe imihlobiso enhlobo-nhlobo zithunge nobuhlalu.

Ngokukangqongqoshe ukube bonke abantu banevuso elifanayo naleli lalezingane ezithathwa ngokuthi azifani nabanye abantu ngabe isizwe sethu sikwelinye izinga ngentuthuko.

Engqondweni yami kufika abantu abaningi abashaye into ecokeme embonini yezobuciko lapho ngicabanga oSteve Kekana "impangele ekhala igijima", Bubsy Mlangeni ababengaboni becula into ehlula ababonayo, uStompie Mavi no Cyril Vusumuzi Mbongwa.

Uthi iKwaZulu Natal Society for the Blind eseMbilo eThekwini ishaya into ecokeme ngokuphica uqalo bakhe izihlalo zikanokusho kanye nobhasikidi bekhethelo.

Njengoba kuyilenyanga kaLwezi umnyango Wezobuciko Namasiko uhlele umbuthano wabantu abaphila nokukhubazeka abasembonini yezobuciko ngaphansi kwesiqubulo esithi "Abaphila nokukhubazeka-iqhaza elilinganayo ekubumbeni ikusasa eliqhakazile".

"Ngingajabula uma sonke singafunda kulababantu esithi baphila nokukhubazeka ukuthi ukukhuthala nokuvuleka kwengqondo kungenza wenze ezibukwayo empilweni" kusho umaSithole-Moloi.



*UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi*

# UNgqongqoshe wezobuciko, amaSiko nezeMidlalo uthi bagila ezibukwayo abakhubazekile

**STHEMBISO SHANGASE NO NELI MLABA**

UNgqongqoshe Wezobuciko Amasiko, Ezemidlalo NokuNgcebeleka KwaZulu-Natali uNkk Bongiwe Sithole-Moloi uhlabeke umxhwele ngamakhono ahlanganisa imisebenzi yezandla nezemidlalo eyenziwa abantwana abaphila nokukhubazeka okunhlobo-nhlobo esikoleni sabo esiseHarding eningizimu yesifundazwe. UMaSithole-Moloi uhambele eHarding Special School ezoqhuba izinhlelo zeminyango yakhe yomibili okungoweZobuciko Namasiko, kanye noweZemidlalo NokuNgcebeleka zokukhuthaza ukuthi bavuke bazithathe ikakhulukazi njengoba lenyanga kuyinyanga yokuqhakambisa abantu abaphila nokukhubazeka.

UNgqongqoshe ufice izingadi ezicekeza izitshalo ezinhle eziningi kulesisikole akade eyovula ngokusemthethweni inkundla yemidlalo edidiyelwe ebizwa ngecombo court. Lenkundla ibize imali engaphezu kwezi R300 000 kanti izovumela abaphila nokukhubazeka kulesisikole ukuthi badlale ibhola lomnqakiswano ibasket ball, elomphebezo itennis kanye ne volleyball. Ngaphezu kwalokhu uNgqongqoshe uphinde waphathela isikole izinto zokudlala ezehlukene okuhlanganisa nezihlalo ezinamasondo zokudlala imidlalo ehlanganisa ibhola lomphebezo (tennis) nebasketball, amajezi ebhola, amapali nokunye okuningi. Kuloluhambo uNkk Sithole-Moloi ubephelelzelwa wubuholi bendawo okubalwa imeya kamasipala WesiFunda Ugu uKhansela Tolomane Mnyayiza kanjalo nemeya kamasipala wendawo uMuziwabantu

Ukhansela Dixie Nciki kanye nezinye izikhulu zendawo okubala nenkosi yakwaFodo uMnuz Senzo Dlamini. Babuye badlulela eCekeza eMthintanyoni, kuWard 1 lapho abantu bebegcwele itende.

Amaciko endawo okuhlanganisa ngisho nogogo nomkhulu bebemise amatafula bekhangisa babuye bathengise ngemisebenzi yezandla enhlobo-nhlobo.

UNgqongqoshe uchazeke waze wakhuluma ngemisebenzi yamaciko ayibone kulendawo kodwa wakuveza ukuthi ubona sengathi kusekuncane akubonayo uma eqhathanisa nakubone kwenziwa yizingane eziphila nokukhubazeka eHarding. "Lababantu esithi bakhubazekile bathi kimi uhulumeni obabona bekhubazekile aze abakhangeze ngezibonelelo kanti bona bathanda ukuyisebenzela imali yabo", kusho uNgqongqoshe.

"Niyazi nje ukuthi izitshalo engizibona la emphakathini azifiki ebuhleni bezivande zasesikoleni sabaphila nokukhubazeka eHarding nokufakazela khona lokho ukuthi uma bengasekwa bangagila into yamehlo njengoba bevele benza", kuchaza uMaSithole-Moloi.

Ube eseshaya adume ngazo wagixabeza izikole zendawo ngezinto zokudlala ezahlukene. Izikole ezitholile yiGabhamanzi, Khuza, Sakhayedwa, Mzokhanyayo neMbambuya. Inkosi uDlamini isebenzise ithuba lokuhlangana noNgqongqoshe yacelela isizwe sakhe inkundla yezemidlalo yaveza nokuthi indawo obekume kuyona itende ewukhalo yiyona kuphela indawo abadlalela kuyo imidlalo kanti iqethukile futhi inezidindi. UNgqongqoshe uSithole-Moloi ube esethembisa ukuthi uzolufakela izibuko udaba lwesicelo senkosi yendawo.







**"Niyazi nje ukuthi izitshalo engizibona la emphakathini azifiki ebuhleni bezivande zasesikoleni sabaphila nokukhubazeka eHarding nokufakazela khona lokho ukuthi uma bengasekwa bangagila into yamehlo njengoba bevele benza"**

UNgqongqoshe wezamaciko, Amasiko, Imidlalo nokuNgcebeleka uBongi Sithole-Moloi

# EYOKUPHISA UBHIYA ISAQHUBEKA NESIVUMELWANO NGOMMBILA OPHUZI

**MBONGENI HLOPHE NO MBUSO MFEKA**

Umnyango wezoLimo nokuThuthukiswa weMiphakathi yaseMakhaya esiFundazweni uke waba nocwaningo olunzulu olubhekiswe ekohloleni ummbila obomvu oke waduma kakhulu ngesikhathi sesomiso esahlasela elakuleli ngasekuqaleni kwama '80s. Kumanje umNyango esikhungweni sawo socwaningo eMakhathini sesitshale izinhlobo eziyisihlanu zommbila ophuzi.

Ucwaningo lwaphinde lwakhombisa ukuthi ukutshalwa kwaloluhlobo lommbila kungaba neqhaza elikhulu ekuthuthukiseni umnotho wabalimi abasafufusa.

Emva kokuthi umNyango udwebe kabusha izinhlelo zokuthuthukiswa kwezolimo esiFundazweni, abalimi abasafufusa abakhele isiFunda sasoThukela phansi kwezintaba zoKhahlamba bahlonzwe njengengxenye yabalimi abazohlomula esivumelwaneni sokusebenzisana esiphakathi komNyango nenkampani ephisa ubhiya, i-South African Breweries.

UmNyango uzolekelela abalimi ekutshalweni kommbila ophuzi ozosetshenziswa ukuze kugaywe ngawo lomkhiqizo. Njengamanje lenkampani kabhiya idinga amathani angu 180 000 ommbila ophuzi ngonyaka ukuze ikwazi ukukhiqhiza izindodla zikabhiya. Ngenxa yokuthi ubhiya okiqhizwa



*UmNyango uzimisele ukusebenzisana nabalimi kanye nemifelandawonye efuna ukubamba iqhaza ekulinyweni kommbila ophuzi ezingxenyeni ezahlukene zesiFundazwe*

abakwa SAB kufanele ube sezingeni lomhlaba, isivumelwano somNyango nalenkamphani sikubeka kucace ukuthi ummbila ozokhiqhizwa yilabalimi kufanele kube osezingeni eliphezulu, kulandelwe imigimo elawula ezolimo kanye nezempilo. Omunye wemibandela yalenkampani ukuthi lomkhiqizo ungakhuliswa ngokulekelelwa ngamakhemikhali.

Ngesikhathi kusunguleka ukusebenzisana phakathi komNyango no SAB eminyakeni emihlanu eyedlule, abakwa SAB babekhombisa ukumukela ukukhiqhizwa kwamathani angu 5 000 nje kuphela. Kepha ubuningi bamasimu angodeda ngendlale esiFundeni sasoThukela kukhomba ukuthi izibalo zomkhiqhizo zinganyuka kakhulu uma abalimi bengasebenza ngokuzimisela. Njengamanje loluhlelo lokukhiqizwa kommbila ophuzi lusasebenza eziFundeni ezimbili, esasoThukela kanye nesaseMajuba. Ukukhuphuka kwesidingo sokukhiqizwa kommbila ophuzi kuzonika nabanye abalimi ithuba ngokusizwa umNyango ukuvuselela amasimu abo abeselele ezingxenyeni ezinkulu kulezifunda ezimbili. Njengoba loluhlelo luzoba nezinhla ezintathu, okungelokulekelela ngemishini yokusebenza, ukunikezelwa ngezimbewu kanye nokwelulekwa kwabalimi, inkampani yakwa SAB kanye nomNyango bazibophezele ekuthuntutheni amaphakethe ukuze kusizakale abalimi.

UmNyango imisebenzi enjengalena ezishayela ihlombe ngayo nokuba yingxenye yayo, kanti futhi usebenzela ekutheni yande imisebenzi esefike ezingeni lapho abalimi bekwazi ukuqhuba umsebenzi wabo ngokuzimela, lunciphe usizo oluphuma kuhulumeni, kuqhutshekwe kwelekelelwe ezinye izinhlangano. Izivumelwano ezifana nalezi zinika abalimi inselelo ukuba babambe iqhaza elibonakalayo embonini njengoba inkampani ikucacisa ukuthi singakanani isibalo samathani ammbila eswadingayo.

Lokhu kuchaza ukuthi abalimi basangasukuma basebenze kanzima bangene kulemakethe esavulelekile. UmNyango uzimisela ukusiza abalimi baze benze inzuzo ngomkhiqizo wabo osezingeni eliphezulu nelamukelekile ezimakethe.

Ngesikhathi kusetshenziswa loluhlobo lommbila kulelizwe abaningi, baluncoma ngokuba nomsoco. Yize noma indlela eyalethwa ngayo impuphu ekhiqizwe ilommbila yashiya imibuzo eminingi ebantwini baseNingizimu Afrika ngenxa yokungawuqondi. Emuva kocwaningo lomNyango, abalimi sebenokuqonda okungcono ngaloluhlobo lommbila.

Ngokocwaningo lwezolimo oluqhutshwe esikhungweni eMakhathini, kuvele ukuthi loluhlobo lommbila lunomsoco omuningi futhi lulekelela izakhamzimba, lukulungele ukusetshenziswa emakhaya ukwenza ukudla okuhlukene njengezinkwa nokunye.

Ngokuchaza kwabacwaningi, lokhu kwenziwe ngenhloso yokubona uhlobo lommbila kulezi ezinhlanu olusheshe lumile futhi olunomsoco kakhulu.

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya emva kokuphumelela kocwaningo wanxusa imiphakathi ukuba iqhubeke iwutshale lommbila.

Izinhlangano ezisabelile kulesisimemo somNyango, kumanje zisethubeni lokusebenzisana nenye yezinkampani ezisezingeni lomhlaba ekuphisweni kotshwala.

Kuyinhloso yomNyango ukuthuthukisa abalimi bakulesisiFundazwe ukuze bafike ezingeni lapho imikhiqizo yabayo igcina ingene ezimakethe.

Ukufeza lombono, umNyango uyasiza ngokuqeqesha imifelandawonye esebenza ezolimo ukuze iyiqondisise kangcono imboni yezolimo iphinde icijeke ukubamba iqhaza elibonakalayo embonini.

## Owezolimo namakhosi bazimisele ukubuyisa usikompilo lwezolimo


**LONDIWE NGIDI**

Ukuhlela kabusha komNyango izindlela zawo zokusebenza kubiza ukuba kube nezithangami lapho kuboniswana ngezindlela zokwenza nokuthuthukisa ezolimo esiFundazweni. Amakhosi asendaweni yase Zululand, eMzinyathi, oThukela, kanye naseMajuba azimisele ukubona inqubekela phambili kwezolimo, yingakho efike ngobuningi bawo ukuzoxixisana nomNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yase Makhaya.

Ukuhlangana komNyango namakhosi aseNdlunkulu kukhombisa ngokusobala ukuthi ubuholi buka Ngqongqoshe uMthembu buyakholelwa ekusebenzeni nawoNdabezitha njengoba kuyibona abasenza eduze nabantu. UmNyango uyakholelwa ekutheni lokhu kusebenzisana namakhosi kuzosiza ekusebenzeleni ekubuyiseni nasekwenzeni ezolimo isikompilo futhi, ikakhulukazi kulesisiFundazweni.

Ukubambisana kwamakhosi nomNyango kuzosiza ekusebenzisane okungaholela nasekudaleni amathuba emsebenzi, ukucobelelana ngolwazi lwendabuko olwalusetshenziswa ekulimeni emandulo. Inselelo enkulu abalimi ababhekene nayo isimo sezulu esiguquguqukayo. Amakhosi njengabantu asebe bone imiphumela yesomiso, ukufa kwemfuyo, izivuno ezingekho esimweni esigculisayo okuholele ekwandeni kwendla la emindenini eminingi. Inkosi uNxumalo wasoThukela uphawule ngenselelo yokutshala emhlabathini ongekho esimweni esilungele lezozitshalo.

Bacela uNgqongqoshe uMthembu akiphe ithimba elingavakashela endaweni abatshala kuyona. UmNyango phakathi kwemisebenzi ehleze ikhuthaza abalimi ukuthi ngaphambi kokutshala kumele kuhlolwe umhlabathi kuqala ukuze kuqinisekiswe ukutshalwa kwezitshalo eziyilungele leyondawo kanye nalowomhlabathi. Amakhosi aphakamise uhlelo lwezingadi zasemakhaya lapho umuzi nomuzi uba nengadi ngokuxhaswa uhulumeni, uhlelo olwaziwa nge "One Home, One Garden" njengohlelo oluhle nolwalusiza emphakathini. Baphinde banxusa ukuthi uMnyango uqhubeke nokufundisa imiphakathi ngokutshala utshani emadlelweni ukuze imfuyo ingahlukunyezwa isomiso. Amakhosi akuqinisekisile ukuthi ayalujabulela ulwazi alucobelela kubeluleki bomNyango abasebenzisana nabo ezindaweni ezahlukene. Ulwazi olubaluleke njengokubafundisa ngezitshalo nesikhathi ezilungele ukutshalwa ngazo. Phakathi kwezinto oNdabezitha abacela usizo lwazo kube amaDiphu, umhlaba, amadlelo, amapamphu kanye nokusizwa ngokudweba amapulani yokusungula nokuqhuba amabhizinisi. UmNyango unazo izinhlelo zokusiza imiphakathi kulokhu okubalulwe amakhosi, okubalulekile ukusondela emahhovisi omNyango ukuthola usizo. Amakhosi agcizelele ukubaluleka kokuthi uhlelo lwawo gandaganda lubabandakanye ukuze kuzogwemeka izinkinga ezike zabhekana naloluhlelo phambilini. UNgqongqoshe uMthembu ugqugquzele ukubaluleka kokubamba izithangami ezifana nalezi ukuze kubonakale ibanga eselihanjiwe kanye nokudinga ukulungiswa.



*Amakhosi abehambele ingqungquthelo yomNyango ebisoLundi lapho .bekubhungwa ngezindlela ezingathuthukisa ukusebenzisana nomMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya.* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO NDLOVU***

"Inqubomgomo kumele iqhamuke kubantu hhayi kumahhovisi ethu, ukuze sithole uvo lwabantu nokuqhamuka nezinhlelo zokuhlisinzekela izimo ezimanzozo zesomiso. "Ucwaningo lwakamuva uveza ukuthi ingu 10% imindeni ezimele kahle kwezezimali eNingizimu Afrika, u 26% wemindeni elala ingadlile nsuku zonke. Lokhu kukhombisa ngokusobala ukuthi iningi labantu bakuleli bahlwempu yingakho kubalulekile ukusebenzisana nani", kusho uMthembu esevalo lomhlangano.



**"Ucwaningo lwakamuva luveza ukuthi ingu 10% imindeni ezimele kahle kwezezimali eNingizimu Afrika, u 26% wemindeni elala ingadlile nsuku zonke."**

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa Kwezindawo eziseMakhaya, uMnu Themba Mthembu

# OLUNYE UXHASO KUBALIMI ABAKHAHLANYEZWE YISOMISO

SIMPHIWE NDWANDWE

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali, uMnuz Themba Mthembu, umemezele ukuthi abalimi abakhahlanyezwe yisomiso bazohlomula ngomthobanhliziyo esambeni esibekwe eceleni sika ka R23 million. Lokhu ukusho ngesikhathi enomhlangano wokuqinisa amaxhama obambiswano namakhosi aseNdlunkulu angaphansi kwesiFunda iTheku, uMgungundlovu, Ugu neHarry Gwala. Umhlangano ububanjelwe eThekwini kanti uMhlonishwa uMthembu uvule ithuba lokuba Amakhosi abeke izimvo zawo mayelana nezinhlelo uMnyango oziphakela imiphakathi ephethwe yiwo Amakhosi.Mayelana no-R23 million obekwe eceleni yithimba lomNyango lezimo eziphuthumayo uMthembu uthe kuyaphuthuma ukuba kubhekelelwe kakhulu abalimi abafelwa yimfuyo ngenxa yesomiso koJozini, Mtubatuba naKwaHlabisa nezinye izindawo.

Le mali ingasiza ngezindlela eziningi okungasho ukuthi abantu bangathola ukheshi nje kuphela. Nakuba izimvula zibe khona ezingxenyeni eziningi zisiFundazwe kodwa azikeneli ukuba sekungathiwa isomiso sinqotshiwe.

UMnuz Mthembu ubuye wagcizelela ukubaluleka kokusebenza ngokubambisana kwezinhlaka ezehlukene eziyingxenye yebhande lokuhanjiswa kwentuthuko emiphakathini okubalwa uHulumeni ngokwamazinga ehlukene, Amakhosi nezinhlangano zomphakathi kanye namalungu nje omphakathi ngobubanzi. “Akufanele kube khona esibeqayo uma sihambisa intuthuko emiphakathini yakithi. Lokhu uma kwenzekile kudala izixakaxaka. Imisebenzi elethwa nguHulumeni ayidingidwe ngokweziFunda ukuze ithi ifika abantu bonke bayazi ukuthi yini elindelekile. Izinto zidinga ukuba zenziwe zihlale obala,” kusho uMvelase. Lokhu akwenanelile Amakhosi kangangokuba Inkosi yesizwe saKwaMaphumulo eMbumbulu, uNathi Maphumulo ithe lokhu yona esizweni sayo akukho okuqhubekayo ingazi.

“Into eyenza ngithi ngifuna ukwazi konke okuqhubekayo esizweni sami yikuthi lapho sekunezingxabano udaba lugcina luze kimi kanti ngesikhathi kusaqalwa umsebenzi ngangeqiwe ngaphezulu. Ukugwema lokhu, konke makubikwe kimi,” kusho uMaphumulo.

Inkosi Fodo Dlamini, ngaphansi kwesiFunda Ugu, ithe udaba oludinga ukufakelwa izibuko wudaba lokuhlinzekwa kwemifelandawonye ngogandaganda bokulima ukuze iziphathele yona. Isikhalo sisekutheni abanikazi bemifelandawonye abafuni



*Inkosi Fodo Dlamini ngesikhathi ibeka uvo lwayo emhlanganweni wamakhosi obuseThekwini.* ***Izithombe:*** ***MBUYISELO NDLOVU***

ukuvumela amalungu omphakathi ukuthi abasebenzise okugcina kudale udungunyane.

Ephendula kulokhu uMnuz Mthembu uthe lolu daba lubucayi futhi luyamkhathaza. Ube esezibophezela ukuthi uzokubeka emahlombe omNyango ukuthi kuqinisekiswe ukuthi imiphakathi iyasizakala ngokuba khona kogandaganda nakuba bengaphansi kolawulo lwemifelandawonye.

Okunye akuvezile ukuthi umNyango usaluvivinya uhlelo lwama-communal estate njengalokhu kunezihibe ezibonakala zingakhubaza ukusebenza kwalo ngendlela efanele. Izihibe uthe zidalwa ukuthi ukuklanywa kwemiphakathi yasemakhaya kushiyana ngezindawo njengalokhu ezinye izindawo amadlelo nezinkambu zemfuyo kungahlukanisiswe.

Lokhu uthe kungabangela izinkinga ezingadonsela uMnyango nemiphakathi emuva. Weluleke Amakhosi ukuthi ayibheke ngeso elibanzi indaba yezitshalo ezingena emhlabathini ongaphansi kwawo.

Lokhu uthe ukusho ngoba kubalulekile ukuba kungagxilwa ohlotsheni olulodwa lokudla njengalokhu kuvamisile ukuthi kubekwe eqhulwini ukudla okusanhlamvu, ezinye izinhlobo zokudla zinganakwa.

“Singatshala izihlahla zezithelo. Izingane zethu zidinga ukudla izithelo ukuze zikhule kahle futhi zikhaliphe esikoleni. Okunye okudingeka Amakhosi akutshale ezingqondweni zabantu bawo ukuba kusungulwe ama-nursery.

Lezi yizingadi zezihlahla ezitshalwa ngenhloso yokuba zidayiswe. Sithi abantu bakithi abavuleleke uma bekulo mkhakha, bangagxile ohlotsheni olulodwa lomsebenzi,” kubeka ukaMvelase.

Uthe uhlelo lwengadi umuzi ngomuzi luzobuya nakanjani ngoba lubalulekile futhi isidingo salo sikhulu. UkuhlaBe wakuhlikiza ukuthi imiphakathi ithenge utshani emapulazini ekubeni ingakwazi ukubutshala yona ngenjongo yokuba budayiswe ezindaweni ezihlaselwe yisomiso.

Ubuze ukuthi kungani abantu abamnyama bengakwenzi bona lokhu ngoba yinto nje abangakwazi ukuyenza. Uthe okuyikhona okudingekayo yisifiso nogqozi ukuze kwenziwe lokhu qha.

Okunye akuthintile kube yindaba yokuqeqeshela amakhono ezindaweni zamakhosi nathe yinto ebalulekile kakhulu, isibonelo ukuba umabhalane emadiphini kanye nomuntu ozinze esigodini ngesigodi ozoqeqeshelwa umsebenzi wokunakekela imfuyo.

“Ngale ndlela abantu bangaba nolwazi lokuthi uma kugula imfuyo bazoya kubani ukuze bathole usizo. Njengamanje imiphakathi ibhekene nenkinga yokuthi ezindaweni ngezindawo abantu abakwazi ukunakekela imfuyo ngendlela ngenxa yokuthi abanawo amakhono adingekayo," kuphetha uMthembu.

# Izizinda zezolimo kubhekeke ukuba zibeke abalimi kwelinye izinga

BRENDA MQWAMBI

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ubuye ngelinye igiya kuleNtwasahlobo, uthi zonke emasimini.

Ukwethula uhlelo lokulima kulonyaka ngesikhathi umNyango ugqugquzela abalimi ngokuqala ukulima ngesikhathi esifanele.

Kuyenzeka ngesinye isikhathi abalimi baphunyukwe isikhathi esifanele sokuqala ukutshala bese yonke imizamo nosizo oluphuma emNyangweni kube yize leze.

Ngalokhu umNyango ubona isidingo sokuqinisekisa ukuthi abalimi bazithola ngesikhathi izinsiza, waphinde waqondanisa nokwethula izinhlelo okulindeleke ukuba abalimi basebenzele phezulu kwazo.

Lokhu kuvele ngesikhathi umNyango ubuhambele indawo yaseDumbe ukuzokwethula ngokusemthethweni isikhathi sokuqala ukutshala kwalelihlobo.

Phambilini loluhlelo lokusiza abalimi abasafufusa ngezinsizakusebenza ezifana nogandaganda lwaba nobuhixihixi obenza lungabe lusasimama ngendlela umNyango wawuhlose ngalo.

Ngo Agasti ka 2014 iSishayamthetho sathatha isinqumo sokuthi loluhlelo lubhekisiswe kahle, futhi lithi ukuma ngenxa yokungasimami kwalo ngendlela eyayilindelekile.

UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ube usuqhamuka nesu lokuvuselela loluhlelo nokwaphetha ngokuthi kuqalwe I-Agrarian Transformation Strategy nokuhloswe ngayo ukusimamisa izizinda zezolimo lapho abantu bezohlala baphinde balime noma bafuye khona.

Loluhlelo lusiza abalimi nabafuyi ukuba basimame bagcine sebengabalimi asebekwazi ukuzimela futhi bakwazi ukuncintisana nezimakethe ezinkulu ezweni lonke.

UmNyango uyakuqinisekisa ukuba uyazeseka lezizinda zezolimo ngendlela efanelekile lezo ezaqalwa ngonyaka owedlule. Isibalo sezizinda umNyango ohlose ukuzisebenza uphinde uzesekele zingu 138 kanti kuzolinywa indawo engama hektha angaphezu kuka 24 000, kubhekeke ukuba kusizakale abalimi nemindeni eminingi ngaloluhlelo.

Lelisu lomNyango aligcini nje ngokuthi kube nokudla okwanele emakhaya kepha lusondeza abalimi ukuba basebenze ngokuzikhandla baphinde basebenzele ukwakha inzuzo, bangene ezimakethe.

Ukwesekwa kwalemisebenzi kuhlukene izigaba ezimbili njengoba nje abalimi bezokwesekwa ngokugcwele esigabeni sokuqala bese kwesibili kufakwa ingxenye elinganayo umNyango nenhlangano, 50/50.

Loluhlelo luzokwesekwa ngezinsizakusebenza ezahlukene okubalwa kuzo izimbewu, umanyolo, amakhemikhali, ogandaganda abasha, abashayeli bogandaganda, yilabo abazosiza



*izizinda zezolimo zizogqugquzela ukusebenza ngokubambisana nokuqonda kangcono ukuhlukana kwemikhiqizo ngezindawo* ***Isithombe:*** ***MBUYISELO NDLOVU***

ekukhandeni ogandaganda, uqeqesho olunzulu oluzotholwa yilabo bezinhlangano noma imifelandawonye ezothola ogandaganda.

Ngonyaka owedlule, umNyango ukwaze ukutshala amahektha angu 28061 osetshenziselwe ukutshala amakinathi, ummbila, ubhontshisi omhlophe nobomvu kanye nesoya.

Ukwesekwa kwalomsebenzi umNyango kuzoletha ithemba kubalimi emva kokushaywa isomiso esenze umkhiqizo wancipha waphinde wangaba sesimweni esigculisayo kulesiFundazwe.

UNgqongqoshe wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi uMnz Themba Mthembu uqinisekisile ukuthi lomsebenzi uzoxhaswa ngendlela ezobe ihambisana nesimo sokuthi indawo ivuna hlobo luni lokutshala.

Loluhlelo luzothuthukisa umthamo wokudla okuzotholakala kulesiFundazwe futhi kugqugquzela isiko lokulima.

Lena ngomunye wemizamo yomNyango yokukhuthaza isiko lokusebenzisana ngokubambisana njengoba nohulumeni omkhulu ekugqugquzela ukusebenzisana ngaloluhlelo.

# Ukudlondlobala kwezizinda zezolimo kuletha ithemba ekulwisaneni nendlala

**BRENDA MQWAMBI**

UMasipala waseDumbe ngaphansi kwesiFunda iZululand ungomunye woMasipala obesethubeni eliyingqayizivele njengoba ingeminye yomasipala ehlomule kakhulu ngohlelo lwama Communal Estate. UmNyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya ukhethe indawo yase Dumbe njengendawo ekufanele ukuba kubungazwe kuyo ukuqaliswa kwesikhathi sokutshala. Enye yezizathu kube ukuthi lendawo ibhekene nobubha kanti isesimweni sokuthi ingakwazi ukuqhuba imisebenzi yezolimo engaphilisa abantu kulendawo.

UmNyango ngalokhu uzoqinisekisa ukuba ama communal estate akulendawo ayaqhubeka ngokusizakala futhi ukukhiqizwa kokudla kuyaqhubeka kulendawo engenye yezindawo ezibhekene nobubha. Imali elinganiselwa ku R7 770 000.00 ifakiwe kulomsebenzi walezizinda zezolimo, lendawo ukuze kulwiswane kuphinde kusunguleke imisebenzi ezokwakha inzuzo, inezizinda eziyisishagalolunye, khona eDumbe. Lomsebenzi kubhekeke ukuba uhlomulise izakhamuzi zakulendawo yase Dumbe, lokhu kuzokwenza kubelula ukuba basebenzisane ndawonye njengoba besendaweni eyodwa.

Ukuhlomula kwalendawo ngalomsebenzi kuqhamuke emva kokuba umNyango wenze ucwaningo lwawo lwendawo oluthinta isimo sendawo nomhlabathi ukulungela kwawo ukusetshenzwa nokuthi yini engalungela ukutshalwa nokukhiqizeka kuleyondawo.

Lolucwaningo lusiza bobabili uHulumeni nomlimi ukuba kungaze kuchitheke isikhathi nezindleko kutshalwa umkhiqizo ongahambisani nendawo. Iningi lezinhlangano ezithole uxhaso eDumbe zikhiqiza ummbila kanti zinezivumelwano ezimile nezinkampani ezithize eVryheid nokwenza benze inzunzo eningi njengoba iFilidi ingekude kakhulu kanti futhi kuphinde kuvuleka namathuba emisebenzi kubantu bendawo. IThembelisha Cooperative Limited izuze lukhulu ngezikhathi zokulima njengoba ikwazile ukuthi ikhiqize amaphakethe angu 80 ommbila owomile, wonke lommbila



bakwazile ukuba bawudayise kwa TFS Retailers eVryheid babiza u R 700 ngephakethe nokugcina ngokuthi bathole inzuzo ka R 56 000.00. Lokhu kwenzeke ngaphezu kokuba lendawo ibihlaselwe isimo sesomiso.

UmNyango kulomsebenzi we Thembelisha Co-operative uxhase ngoxhaso olufika ku R975 000.00. Kubalwa ogandaganda, iholo lalabo abashayela ogandaganda kanye nezinye izinsiza kusebenza.

Ngenxa sesomiso, eminye yemisebenzi yemifelandawonye yezolimo misebenzi ayikwazanga ukukhipha imikhiqizo ebukulindeleke ukuba iphume kulonyaka ngesikhathi sokuvuna.

Umfelandawonye iTholizwi ingeminye yemisebenzi ekhahlamezeke kakhulu isomiso.

Kulonyaka wokuvuna bakwaze ukukhiqiza amaphakethe angu 62 ommbila nokugcine bedayise amaphakethe angu 45 kwa TSF retailers eVryheid nokwenze bagcina bethole inzuzo ka R29, 133.29 nokuyinani eliphansi kakhulu kunaleli abajwayele ukulizuza, lokhu kudalwe isomiso.

UNgqongqoshe uMnuz Themba Mthembu utshele abalimi ukuthi bazibambe ziqine noma isomiso siyikhahlamezile kakhulu imisebenzi eminningi ngenxa yokuswelekala kwamanzi.

Ukuqinisekisa ukuthi isiFundazwe sinokudla okwanele umNyango uqinisekisile ukuthi uzoshintsha izindlela zokulima ukuze zihambisane nesimo esiqhubekayo sesomiso kanye nesimo sezulu esiguquguqukayo. Ngalokho umNyango wazise abalimi ukuthi bame ngomumo, ziningi izinguquko kwezolimo, ezizoba khona ngenxa yokuthi basakhuluma nemikhakha ehlukene ekutheni iyiphi indlela engcono okungasetshenzwa ngayo nezohambisana nesimo esiqhubekayo sesomiso.

# ZIDINGIDWE NGESASASA EZITHINTA UBUGEBENGU ENGQUNGQUTHELENI YESIFUNDAZWE

**STHEMBILE LUTHULI**

Ukuzama ukugwema ukudlondlobala kwezigameko zobugebengu ikakuhlukazi njengoba sekusondele isikhathi samaholide okuphela konyaka, uMnyango wezokuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi ububambe ingqungquthela yokulwa nobugebengu. Le ngqungquthela ebe yizinsuku ezimbili ibingeledlule eThekwini eDube Trade Port futhi ibihanjelwe uMphathiswa walo Mnyango uMnu Mxolisi Kaunda, uNdunankulu wesifundazwe uMnu Willies Mchunu noNgqongqoshe wamaPhoyisa uMnu Nkosinathi Nhleko. Enye inhloso-ngqangi yale ngqungquthela bekungukubheka lonke uhlobo lobugebengu obukhungethe isifundazwe bese kutholakala izixazululo noma izindlela ezingasiza ukulwa nobugebengu.


Ukubulawa kwamaphoyisa, ukusetshenziswa kwezidakamizwa, ukudlwengulwa kwabesifazane nabantwana, udlame lwamatekisi, ukwebiwa kwemfuyo nokubulawa ngesihluku kuphinde kucwiywe izitho zemizimba yabaphila nebala elimhlophe kube ngezinye zezinto ezithinta ubugebengu ebezidingidwa kule ngqungquthela. Ethula inkulumo yake enohlonze kule ngqungquthela uKaunda unxuse umphakathi ukuthi usebenzisane namaphoyisa ekulweni nobugebengu wathi ukuphepha kungumsebenzi wawo wonke umuntu.

Ube esegxeka lonke uhlobo lobugebengu obukhungethe imiphakathi ikakhulukazi ukubulawa kwamaphoyisa wathi:

"Kuyangidumaza kakhulu ukuthi zilokhu ziqhubekile njalo izinhlobo zobugebengu emiphakathini eminingi yingakho nginxusa yonke imiphakathi ukuthi izibike lezi zigameko emaphoyiseni iphinde isebenze ngokubambisaa namaphoyisa.

Lokhu kuyosiza kakhulu ukuthi imiphakathi ingazitholi isizithathela umthetho ngezandla ngoba lokho akuhlukene nobugebengu.

Kumele sonke sibambe iqhaza ekulweni nokubulawa kwamaphoyisa ngoba iwona esethembele kuwona ukuthi siphephe." Le ngqungquthela ibhekisise yabuye yacubungula zonke izinhlobo zobugebengu kwavela ukuthi ubugebengu obenzeka emiphakathini yethu



*UMnu Mxolisi Kaunda ngesikhathi enikeza abagibeli besitimela amaphepha aqwashisa abantu ngobugebengu, lokhu obekuyingxenye yengqungquthela yezinsuku ezimbili yokulwa nobugebengu ebiseThekwini*

kungenxa yokwentuleka kwemisebenzi ikakhulukazi entsheni yingakho isikhathi esiningi izithola isingene ezidakamizweni ezigcina ngokudunga izingqondo zayo. Phakathi kwezixazululo eziphume kule ngqungquthela ukuthi intsha izisungulele amabhizinisi ayo amancane ngethemba lokuthi uHulumeni uzokwelekelela ngokuwaxhasa bese igcina ngokuba namabhizinisi amakhulu. Kubuye kwanxuswa nabazali ukuthi bazibandakanye ezimpilweni zezingane zabo ngokuthi bazi ukuthi zenzani ngaso sonke isikhathi.

UNgqongqoshe uNhleko ukuthakaselele ukuba khona kwale ngqungquthela wathi ubugebengu buhlukumeza wonke umuntu. "Izingqungquthela zalolu hlobo zibaluleke kakhulu ngoba sonke sisempini yokulwa nobugebengu, ngakho-ke kubalulekile ukuthi sibambisane futhi ngiyanxusa ukuthi zonke izinhlaka zibambisane. Ngifisa nabelaphi bendabuko ukuthi bangasebenzisani nezigebengu ezibulala ziphinde zicwiye abebala elimhlophe ngoba lokho kungukuhlukumeza nokwephula umthetho. Nginethemba lokuthi uma sonke singathi cha kunoma yiluphi uhlobo lobugebengu emiphakathini yethu singaphila ezweni eliphephile futhi elinokuthula," kuphetha uNhleko.



**"Izingqungquthela zalolu hlobo zibaluleke kakhulu ngoba sonke sisempini yokulwa nobugebengu, ngakho-ke kubalulekile ukuthi sibambisane futhi ngiyanxusa ukuthi zonke izinhlaka zibambisane."**

UNgqongqoshe wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda

# UMNYANGO WEZEMISEBENZI YOMPHAKATHI UZIBOPHEZELE EKWAKHENI KABUSHA ISIKOLE I-KWAMIYA PRIMARY SCHOOL – E-BERGVILLE

**VUSI SHABALALA**

Ukuthuthukisa ingqalasizinda kungumgogodla wokunikezela ngezidingongqangi koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi KwaZulu-Natali. Kuze kube yimanje, uMnyango usuzuze impumelelo ebonakalayo kule minyaka emithathu yezimali edlule.

NgoLwesithathu mhla ziyi-19 kuMfumfu 2016, 'iThimba lezokuXhumana' lihambele ngokukhethekile isiza okwakhiwa kuso isikole KwaMiya Primary School, okuyisikole esingaphansi kweSiyingi i- Centre for Management (CHC) engxenyeni esentshonalanga ne-Bergville.

Ohola umklamo nguNksz T.N Ncube, ongumsebenzi wesifazane onomfutho omkhulu nosekhombise ukukhalipha nentshisekelo kule mboni yezokwakha, wafika kwezwakala kule ndima yomsebenzi ekusadlange kuyo abantu besilisa. Ngokusho kukaLihle, "inhloso yalo mklamo ngukubhidlisa sonke isikole njengoba besingakhekile kahle. Nokho-ke 'amatshe' aso aligugu kukhona lapho esazosetshenziswa khona kuwona lo mklamo".

Umnyango ufake ama-R24 million kulo mklamo wengqalasizinda wokulungiswa ngokupheleleyo kwalesi sikole esinezingxenye ezintathu ezinamagumbi okufundela angama - 21.

Engxoxweni ejulile nothishanhloko wesikole uMnu Marhwa, uthe umklamo uzophucula izimpilo zabo bonke abasondelene nesikole.

Esimweni esinje, kusho ukuthi umklamo ubambe iqhaza elisemqoka ekweseni intando yabantu ngokukhuthaza ukuba kuzwakale izwi laleyo miphakathi encisheke amathuba. UMnu Marhwa unezelelu ngokuthi umklamo angeke uthikameze abafundi abangama - 584 nabasebenzi abayi – 15; abayi-11 babo kungabesifazane noyedwa wesilisa. Phezu kwalokho, bekufanele ukuba lesi sikole sakhiwe kabusha, ngoba vele kwasekuqaleni besingakhekile kahle futhi besingakaze silungilungiswe kusukela selokhu sakhiwa ngonyaka we-1973.

Ukuqala kwaso sabe sakhiwa ngamatshe, kwathi ngonyaka we-1976 kwaqaliswa ukwengezwa ngokwakhiwa kwengxenye enkulu yesikole eyaze yaphothulwa ngonyaka we- 1978". Uhlelo lokufunda olujwayelekile luzoqhubeka ngaphandle kokuphazamiseka ngenxa yokuthi kuhlinzekwe ngamagumbi esikhashana okufundela okuyiwona azobhekelela izidingo zothisha kanye nabafundi. Kuhlaba umxhwele ukubona uhulumeni wesifundazwe uzimisele ukweseka ukuhlinzekwa ngamathuba alinganayo ekukhuleni komnotho kanjalo nasekuthuthukisweni kosonkontileka abasafufusa eSifundazweni saKwaZulu-Natali.

Umklamo unikezwe i-Sakcon Trading & Construction, egxile e-Pinetown. I-Sackon ikhethe ithimba elizimisele, elixube ubulili, abantu abasha futhi elinomfutho nelikhuthele Ngokulinganayo, noMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi wenze okufanayo wanikeza abasebenzi besifazane okunguLihle Mncube kanye noThembelihle Phiri obuye aziwe ngo-Nana, igunya lokuqhuba nokwengamela lo mklamo kuze kube uyaphothulwa. Sibonga igxathu elithathwe nguMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi emizamweni yawo yokuthuthukisa kanye nokuhlomisa intsha ngamakhono, ikakhulu abesifazane nalabo abanokukhubazeka.

Impumelelo yokubusa okuhle ihlezi ibonakala noma ngabe izimo zingavumi. Kuya ngentshisekelo kanye namakhono abantu abasha, igalelo labantu abasha ezinhlanganweni lingaba khona emazingeni ahlukahlukene, kusukela ekubambeni kwabo iqhaza kusaxoxiswana kuye ekubambisaneni ngobuholi.

Ukubandakanywa kwabantu abasha ngokuthi bababambe iqhaza kunomthelela omuhle ekwakhiweni kwezinhlelo, izinqubomgomo kanye nemisebenzi ethinta izimpilo zabantu abasha ukuze kubhekwane nezidingo kanye nezimfuno zabo kanjalo kuhlomule umnyango kanye nohulumeni. Sengiphetha, ukuthuthukisa kanye nokuhlomisa intsha ngamakhono ngokujwayelekile kuncika ekubeni khona kwemiphakathi lapho intsha yesekwa khona ngabantu abadala.

Empeleni imiphakathi ezinzile inamandla okweseka intsha uma isenkingeni kanti imiphakathi engazinzile yona angeke ibe nalawo mandla. Phezu kwalokho, ukwakha imiphakathi lapho intsha ikhuthazwa ukuba ibambe iqhaza, kwenza intsha yalapho ikwazi nayo ukumelana nobunzima bese kuba lula kuyo ukubhekana nezinselelo. Uma intsha yakha ubudlelwane obuhle nabantu abadala emphakathini, izowazisa umphakathi kanye nobudlelwane obakhekhe ngaleso sikhathi. Kungashiwo ngale kokunanaza ukuthi uma kubhekwa isimo sezepolitiki kanye nesenhlalo samanje intsha ilokhu ilangazelela ukuba nayo ibe yingxenye ekuthathweni kweziqumo nasekwakhiweni kwemiphakathi ehlala kuyo kanti ngalokhu….. kuyabonakala ukuthi uMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi uhambe phezu kwalezo zinyathelo ngenkathi uzibophezela ekwakhiweni kabusha kwesikole i-KwaMiya Primary School.



*Kwesokunxele yisikole KwaMiya Primary School ngaphambi kokuba sibhidlizwe (kwesokudla) amagumbi esikhashana othisha kanye nabafundi ukuba baqhubeke nokufunda.* ***Izithombe: VUSI SHABALALA***



# Uhlelo lokuqeqeshwa kosonkontileka base-Midlands: Sigudluza imigoqo evimbe intuthuko

**VUSI SHABALALA**

Mhla ziyi-18 namhla zingama-20 kuMfumfu 2016, ihhovisi leSifunda saseMidlands loMnyango Wezemisebenzi laqalisa izinhlelo ezinzulu zokuqeqesha osonkontileka. Lolu qeqesho lwalusingathelwe emahholo amahhovisi eSifunda Esikhulu kanye nelaseMzinyathi. UMnu. Gcina Hadebe, onguMqondisi weSifunda, wenza yonke imizamo yokuba aphumelele kuyo yomibili imihlangano, ngenhloso yokuqinisekisa ubuholi, ukuzibophezela, ukuzinikela kanye nokulandela imigomo yokusiza osonkontileka abasakhasa ngenjongo yokuguqula izimpilo zabo kulo mkhakha wezokwakha okhulayo kancane kancane ukuze kusheshiswe uguquko kwezomnotho eSifundazweni saKwaZulu-Natali. Emazwini akhe okwamukela, uMnu. Hadebe wakuphinda futhi ukuthi kumele osonkontileka banikezwe amathuba alinganayo okuncintisana uma kwenziwa amabhidi ngokunjalo futhi baphinde bathole amathuba alinganayo amaqondana nokwedluliselwa kwesinye isigaba sokukhula kwezinkampani zabo. Ngaphezu kwalokho, lolu qeqesho luhlose ukulungisa izingqinamba osonkontileka abaningi ababhekane nazo kulo mkhakha wezokwakha. Ngakho–ke kungukuzikhohlisa ukucabanga ukuthi osonkontileka abasakhasa banamakhono adingekayo okwenza umsebenzi wabo ngendlela efanele. Kamuva nje, ukuqeqeshwa kosonkontileka sekufaka izinto eziningi ezahlukahlukene. Kubeka umthwalo kanye nobucayi obuhambisana nokwenziwa komklamo kusonkontileka okuthathwa ngokuthi unawo wonke amakhono ezobuchwepheshe adingekayo, ezokuphatha kanye nawezezimali uma emukela umsebenzi. Luhlinzeka ngamathuba okwedluliselwa kwamakhono, okusho ukuthi abantu abaqashwe njengabasebenzi abenza imisebenzi ejwayelekile nje bangasebenzisa lawo mathuba nabo bagcine sebengene shi emkhakheni wezokwakha (umsebenzi ongenasikhundla, induna, umsebenzi oqeqeshelwe umsebenzi othile, njll.). Ngeshwa, abantu abanamakhono abahlali basemphakathini, ngaleyo ndlela-ke abatholakali ukuze ingqalasizinda inakekeleke ngaso sonke isikhathi. Njengoba uqeqesho olunjena ludinga abasebenzi abaningi, luzofaka ingxenye enkudlwana yemali yenkontileka kubasebenzi abahola kancane. Ngakho-ke singasho ukuthi kumele abasebenzi batholakale emphakathini eseduze ukuze bahlomule ngqo kusabelomali somklamo. Le mihlangano yayithanyelwe abamele ohulumeni bezindawo, osonkontileka kanye nabamele okusetshenziswana nabo i-Master Builders Association, i-Newcastle Builders Suppliers, Isikhungo esibhekele Ukuthuthukiswa Kosomabhizinisi Abancane (i-SEDA), aboMnyango kaMgcinamafa wesiFundazwe saKwaZulu-Natali, uMnyango Wezabasebenzi KwaZulu-Natali, iBhodi elibhekele Ukuthuthukiswa Kwemboni Yezokwakha (i-CIDB) kanye noMnyango Wezempilo KwaZulu- Natali. UMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi wawumeleleke ngokuphelele luPhiko Lokuthengwa Nokusatshalaliswa Kwempahla (i-SCM) njengoba kuyilona oluyintuba nesisekelo sokuthuthukiswa kosonkontileka kanye nasekuletheni uguquko kwezomnotho esifundazweni.

Esethulweni sakhe, uMnu. uPravesh Ballaram, onguMqondisi Ophikweni Lokuthengwa Nokusatshalaliswa Kwempahla weluleka bonke ababekhona ukuthi njengoba bengosonkontileka, kumqoka kakhulu ukuqinisekisa ukuthi bathola uqeqesho maqondana nokuphathwa kwezezimali ukuze banciphise nanoma yikuphi ukungaphothulwa kwemiklamo kwazise lokhu konakalisa amagama kwezamabhizinisi. Ngenkathi sekuyisigaba semibuzo nezimpendulo kwahlaluka ukuthi ziningi izingqinamba abahlangabezana nazo osonkontileka okubalwa kuzo ukungakhokhelwa ngesikhathi ngemiklamo asebeyiphothulile yize ama- invoyisi bewalethe ngesikhathi; ukwehluleka koMnyango Wezemisebenzi Yomphakathi ukuthuthukisa osonkontileka ukuze bakhule kwezomnotho, ikakhulukazi lapho kusetshenziswa imibandela ezigabeni ezithile zosonkontileka; ukuthi inqubomgomo yomnyango yokulawulwa kothengwa nokusatshalaliswa kwempahla ayihambisani neye-CIDB; kuncane ukwedluliselwa kwamakhono kanye nokuqeqeshwa ukuze kuqinisekiswe ukuthi abasebenzi bayaqonda ukuthi kulindelekeni kubona (isibonelo, ukumba umsele; njll) ngokunjalo nokuthi amakhono aseqophelweni eliphezulu kuvamise ukuthi usonkontileka asebenzise abasebenzi bakhe abaqashwe ngokugcwele; lokhu kwenza ukuthi kungabi lula ukuthi amakhono ashiywe ngusonkontileka emva kokuphothulwa komklamo enele ukuba kugcinwe ingqalasizinda isesimweni esihle; ukuzibheka kosonkontileka maqondana nokungalwethameli kumbe ukulwethamela ngendlela engagculisi uqeqesho oluhlelewe osonkontileka-nokuyinto enomthelela omkhulu kwezezimali.



*Mnu Gcina Hadebe, uMqondisi weSifunda eSifundeni sase-Midlands ethula inkulumo yakhe yokuvula kanye nokwamukela*

Ubuhle bokusebenzisa le ndlela wukuthi uhlelo lokuqeqeshwa kosonkontileka base-Midlands lugudluza imigoqo evimbe intuthuko. Njengamanje iseyiyona kuphela indlela yokuqalisa ukusebenza enomphumela obonakalayo lapho abantu behlonyiswa ngolwazi ukuze baziqalele amabhizinisi abo ezokwakha. Iyona ndlela yokuthuthukisa osonkontileka nokuletha uguqulwa kwezomnotho.

Abantu abaqeqeshelwa ukuba basebenzele osonkontileka, kodwa empeleni banikezwa amathuba okuba babe ngosonkontileka abancane.




*UNgqongqoshe u-Ravi Pillay (omile ogqoke ijakhethi enavy-blue) kanye noNgqongqoshe wezokuThuthukiswa koMnotho, ezokuVakasha nokoNgiwa kweMvelo umhlonishwa uSihle Zikalala (omile ogqoke uSiyasebenza ompunga) bethatha isithombe nabafundi abamukele iminikelo kubabambiqhaza abehlukene eMthandi Primary School*

# OSS: IBE YIZWI LOMPHAKATHI KUMASIPALA I- ALFRED DUMA

## I-Operation Sukuma Sakhe (OSS) isiza imiphakathi ukuba ihlonze izinkinga nezidingo ezibathinta bonke; ilekelela imiphakathi ukuthi ikwazi ukuvundulula imithombo engabasiza

**VUSI SHABALALA**

NgoLwesine, mhla zingama- 27 kuMfumfu 2016, uHulumeni weSifundazwe uholwa nguNdunankulu uMacingwana, uhambele oThukela ngaphansi kohlelo i-Operation Sukuma Sakhe - OSS. ONgqongqoshe bebejutshwe ezindaweni ezahlukahlukene kuyona le ndawo ukuze babhekane nokuxazulula izinkinga zomphakathi ezimayelana nokulethwa kwezidingongqangi.

Thina-ke besigxile koNgqongqoshe ababili abebengamawele ngalolu suku. Laba ngoNgqongoshe u-Ravigasen Pillay obhekele uMnyango Wezokuhlaliswa Kwabantu Nezemisebenzi Yomphakathi kanye noNgqongqoshe uSihle Zikalala obhekele uMnyango Wezokuthuthukiswa Komphakathi, Ezokuvakasha Kanye Nezemvelo. Bobabili babejutshwe endaweni yaKwaMthandi nase- Akasiaville.

Uhlelo losuku lwaluhlukaniseke kabili. Lwaqala endaweni yakwaMthandi, esikoleni i- Mthandi Primary School.

Ngokusho kukaMnu Nhlanhla Hlongwane, osehole lesi sikole esinabafundi abangama- 378 kanye nothisha abayi- 11 kusukela ngonyaka we- 1998, kuningi angakusho okuhle osekwenziwa nguhulumeni emizamweni yokuphucula izimpilo zabafundi nothisha. Nokho-ke, uMnu Hlongwane, wacela ukuba uHulumeni wakhele isikole izindlu zangasese zothisha nezabafundi.

Ngale kwalokho, wacela ukuba kulungiswe kabusha ingqalasizininda yesikole (izindonga, izicabha, usilingi kanye nokufulela) esilokhu ibhidlika kancane kancane ngenxa yokuthi ayikaze ilungiswe selokhu isikole sakhiwa ngonyaka we- 1977.

Umhlangano wavalwa ngokuthi uNgqongqoshe uZikalala azibophezele ngokuthi izicelo kuzobhekwana nazo, wabe esethi usuku lokuqalisa lokhu kuyoba sekuqaleni kukaLwezi 2016.

Okwahlaba umxhwele ngukubona abanye ababambiqhaza abehlukahlukene nabo bezibophezela ukweseka umphakathi wakwaMthandi. Iminikelo evela kubabambiqhaza bendawo singabala kubo Ithala Bank elanikela ngezikhwama zamapeni ezingama- 200; i- Al Imdaad Foundation eyanikela ngezipakupaku ezingo-5l eziyikhulu kanjalo nemisubelo (sanitary towels) yamantombazane; uMnyango Wezenhlalakahle wona wanikela ngemifaniswano yesikole eyisethi ephelele eyisikhombisa kanye nezijumbane zokudla ezizonikwa izingane eziphuma emakhaya ahlwempu, ahlonziwe; uMnyango Wezolimo wabe usunikela ngezihlahla zezithelo ezingama-20, kanti ezinye zalezo zihlahla zatshalwa ngoNgqongqoshe kanye nezinye izicukuthwane ezazikhona.

Ithiimba lezikhulu labe seledlulela e- Akasiaville, okungenye yezindawo ezaziwa kusukela kudala ngaphansi kukaMasipala i- Alfred Duma. Uhlelo lwase- Akasiaville lona lwalugxile kakhulu ekuxoxisaneni okumaqondana nokuxazulula izinkinga ezikhungethe umphakathi kusukela ngonyaka wezi- 2012.

Umphakathi waphakamisa kakhulu udaba lokwakhelwa nokulungiselwa kabusha imizi eyakhahlanyezwa yisichotho; udaba lokubuyekezwa kohlelo lukamasipala lonikezela ngezindlu zomxhaso; ukuvuselelwa nokunikezelwa kwezindlu ngaphansi komklamo i-Dumbe Greenfield Housing Project; ukusungulwa nokwakhiwa kwenkulisa endaweni; ukwakhiwa kwesikole samabanga aphezulu endaweni yakwaMthandi kanjalo nokuhlinzekwa ngezivimbelimiyane endaweni yase- Akasiaville ngenxa yokuthi endaweni kunamapayipi amanzi amaningi aqhumile kanye namaxhaphozi anamanzi amile.

Akungabazaki ukuthi lezi zinkinga ezethulwa ngumphakathi ziwukhathazile impela yingakho nje kudingeka ukuthi kubhekwane nazo ngokushesha.

UNgqongqoshe u-Ravi Pillay wethula impendulo eqondile yokuthi umnyango wakhe ubeke eceleni ama- R136million okulungisa izindlu eyizi-3600 ezakhahlanyezwa yisichotho, wabe-ke esecela ukuthi amalungu omphakathi athintekayo kulokhu alethe imininingwane yawo njengalokhu kuqhubeka uhlelo.

Nokho-ke, kusemqoka ukuba sibalule ukuthi lokhu kuxhumana nomphakathi kulandelela ezinhlelweni ezahlinzekwa nguhulumeni wesifundazwe ngenkathi le ndawo ihlaselwa ysichotho ngonyaka wezi-2012.

UMnu Pillay wanezelela ngokuthi maqondana nale mizi eyizi- 3600 eyakhahlanyezwa yisichotho, sekuqokwe osonkontilaki abayisithupha abazoqhuba imiklamo yezindlu ezingama-600.

Kule zindlu ezingama- 600, ezingama- 60 zazo zizokwakhiwa kabusha bese kuthi ezingama-540 zilungiswe noma zivuselelwe.

Esegoqa inkulumo yakhe, uMnu Pillay wavala ngokuthi, "kusukela lulunye kuLwezi 2016, ithimba elisha longoti nonjiniyela emkhakheni wezokwakha lizoqalisa uhlelo lokuhlola zonke izindlu ezakhahlanyezwa yisichotho".

Uma sesiphetha, kuyabonakala ukuthi ngalolu suku nempela i- OSS ibe yizwi labantu bakuMasipala i- Alfred Duma.

Singasho singananazi ukuthi ukuthuthukiswa komphakathi kusalokhu kuyinqubo ephunyeleliswa ngukuhlanganisa umphakathi.

Ngakho-ke, i- Operation Sukuma Sakhe (OSS) isiza imiphakathi ukuba ihlonze izinkinga nezidingo ezibathinta bonke; ilekelela imiphakathi ukuthi ikwazi ukuvundulula imithombo engabasiza; ngaleyo ndlela kuthuthuke ulwazi, amakhono, ukuzethemba kanye namandla abo okusebenza ngokubambisana.

Namuhla kuyafakazeleka, yize lungekho ucwaningo oselwenziwe, ukuthi lapha KwaZulu-Natali, uhlelo i-OSS, oluholwa nolwesekwa nguHulumeni, lwenze abantu baqala ukusebenza ngokubambisana, lwabasiza ukuba bazibambele mathupha maqondana nokubhekana nezinkinga zokungalingani kwamandla nokubamba iqhaza, kwabenza bakwazi ukubhekan ngqo nezinto abacabanga ukuthi yizona ezisemqoka ekuguquleni ubudlelwano bemiphakathi; futh lwalekelela imiphakathi ukuba isebenzisane; ngaleyo ndlela kwakhuthazeka intando yabantu, ukubamba iqhaza nokubandakanyeka komphakathi ezindabeni ezithinta wona umphakathi. Sukuma Sakhe.



**"Singasho singananazi ukuthi ukuthuthukiswa komphakathi kusalokhu kuyinqubo ephunyeleliswa ngukuhlanganisa umphakathi."**

UNgqongqoshe Wezemisebenzi Yomphakathi uMnu Ravi Pillay




*UNgqongqoshe woMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natai, uMnuz Themba Mthembu, ubemi nabasebenzi boMnyango ngesikhathi ebahalalisela ngokunqoba izinqonqo emcimbini obuseGoli muva nje*

# UMNYANGO UYAZIQHENYA NGABASEBENZI ABANQOBE IMIKLOMELO YEBATHO PELE KUZWELONKE

**SIMPHIWE NDWANDWE**

UMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya KwaZulu-Natali uzishaya isifuba ngempumelelo yabasebenzi bawo abadle umhlanganiso emiklomelweni ye-4th Annual Batho Pele Excellence Awards kuzwelonke ebiyenziwe eGoli muva nje. Le miklomelo yenziwa minyaka yonke kanti ihlelwa nguMnyango kazwelonke weMisebenzi kaHulumeni nokuPhatha oholwa nguMhlonishwa uNgoako Ramatlhodi. I-KwaZulu-Natal iphume ihleka yodwa kule miklomelo njengalokhu uMnyango wezoLimo nokuThuthukiswa kweMiphakathi yaseMakhaya udle ubhedu emikhakheni emithathu esemqoka kule miklomelo.

UNkk Thulisiwe Mathunjwa, woMnyango ehhovisi laKwaMhlabuyalingana, uphenduke usaziwayo kule miklomelo njengalokhu enqobe emikhakheni emibili, owodwa kuwo obekungomkhulu kunayo yonke kule miklomelo okuyi-Averall (outstanding) Public Servant of the Year obekuqala ukuthi inqotshwe eMnyangweni selokhu kwathi nhlo. Unqoba kulo mkhakha nje ubesanda kubizwa edle umhlanganiso emkhakheni we-Best Batho Pele Leader of the Year. Ngakolunye uhlangothi iHhovisi laseZinqoleni ogwini oluseNingizimu nesiFundazwe lenze ezibukwayo nalo ngesikhathi likhala lemuka nomklomelo emkhakheni we-Best batho Pele Team of the Year.

Ngendlela abebejabule ngayo abasebenzi baleli hhovisi bekuthi abandize njengalokhu beye begijima esiteji beyokwemukela indondo yabo.

Le mpumelelo imjabulise kakhulu uNgqongqoshe woMnyango, uMhlonishwa uThemba Mthembu njengalokhu naye ebeyingxenye yalo mcimbi. Uthe lokhu kunqoba kutshengisa ngokusobala ukuthi impumelelo incike ekuzimiseleni kubasebenzi nokuyinto eshunyayelwa zikhathi zonke kulo mnyango. “Lena yimpumelelo yethu sonke kuHulumeni wesiFundazwe sakithi.

Siyaziqhenya kakhulu ngabasebenzi futhi sibonga ngoba basilalelile benza njengoba sihlale sisho ukuthi kudingeka ukusebenza ngokuzimisela nokuba nenhliziyo yokusiza imiphakathi yakithi. Manje kufanele siqhubeke nokugqugquzela bonke abasebenzi ukuthi bahlale njalo bekhombisa ukukhathalela imiphakathi yakithi esiyisebenzalayo njengoHulumeni,” kusho uMthembu. Uthe kumele ukuthi uMnyango uziqhenye ngokukwazi ukubumba abasebenzi abakwazi ukuqhudelana nabanye esigabeni sikazwelonke futhi bagcine benqobile. Ube esebahalalisela wathi ufisa ukuthi baqhubeke nangonyaka ozayo benze ngamandla amakhulu ukuze imikoomelo iphinde ibuyele kuso lesi sifundazwe.

UMhlonishwa uRamatlhodi uthe injongo yokusungulwa kwale miklomelo ukuba kugqugquzelwe ukusebenzelwa kwemiphakathi ngomusa nangothando.

“Abasebenzi bakaHulumeni abasebenza ngokuzikhandla futhi abenza umsebenzi obonakalayo kumele banikwe izincomo ezibafanele. Ngale miklomelo sizama ukwenza njalo. Sibungaza abantu abenza kahle kakhulu.

Laba abawinile kumele babe yisibani sethemba nakwabanye abasebenza ngokuzikhandla lena emiphakathini futhi bebhekene nezimo ezehlukene ezinye ezinzima,”kusho uRamatlhodi.

Uthe kusemqoka ukuthi uHulumeni usebenzise zonke izinsiza onazo ukusiza imiphakathi njengalokhu izakhamizi zethembele kuwo uHulumeni ukuthi uzithwale ezinkathini ezifamele. Enkulumweni yakhe ugcizelele ukuthi akuliwe nenkohlakalo futhi ivinjwe ingaze ibe yinsakavukela umchilo wesidwaba. Uhalalisele bonke abadle umhlanganiso wathi isizwe sonke siyaziqhenya ngabo.

UNkk Mathenjwa yena uthe akazi ukuthi kumele aqale kuphi ukukhuluma kodwa wagcizelela nje ukuthi kudingeka uthando, ukuzimisela nesineke ukuze umuntu aphumelele ekusebenzeni nabantu futhi umehluko ubonakale.

Uthe wethukile ngesikhathi kubizwa yena ngoba ubengalindele kwazise wayenikwe nje isimemo engazi ukuthi uzophuma kulo mcimbi esehlonishwa izwe lonke njengomsebenzi kaHulumeni.

Uthe lena yimpumelelo yabo bonke abantu abasebenzisane nabo kusuka kubasebenzi abangaphansi kwakhe kuhlanganise nemiphakathi ayisebenzelayo lena koJozini.

“Ngethemba ukuthi nabanye bazogqugquzeleka ngalokhu esikuzuzile namuhla,”kusho uNkk Mathenjwa.

Kanti uMnuz Njabulo Ntshangase, onguMphathi eHhovisi laseZinqoleni, yena uthe abenzi ngamlingo kodwa okusemqoka ukubambisana nokuhloniphana nje bengabasebenzi.

Uthe lonke ihhovisi lenza umsebenzi eliqwuqashelwe futhi phakathi kwabasebenzi kuvunguza umoya wokusebenza nokusiza umphakathi. Uthe ukuwina kwabo kuzobagqugquzela nakakhulu ukuthi basebenze.

Uthe uyakugqugquzela futhi ukuthi abasebenzi bazithuthukise ngezemfundo ukuze behlale belolekile njenlo nje emsebenzini abawenzayo.

transport
Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

community safety & liaison
Department:
Transport
PROVINCE OF KWAZULU-NATAL

MR. T.W. KAUNDA
MEC: KwaZulu-Natal Transport, Community Safety and Liaison



november is safety month





“Road Safety Is Our Collective Responsibility.”